## UMBONO, IZINHLOSO, OKUQONDIWE NAMAQHINGASU

Kuyothi kushaya owezi-2030 uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoba ngophuma phambili ekuhlinzekeni ngamanzi esifundazweni iKwaZulu-Natal lapho imiphakathi yawo iyobe izuza emikhakheni yezolimo nezokungcebeleka ehlabahlosile.

## ISITATIMENDE SEZINHLOSO

Ukusebenzisana nemiphakathi yawo nababambiqhaza uMasipala WeSifunda iHarry Gwala uzoqinisekisa ukuthi uhlinzeka izinsizakalo zamanzi ahlanzekile, aphuzekayo angaphazamiseki kanye nezinsiza zenhlanzeko ezifanelekileyo futhi ulwele ukuthuthukisa imikhakha yezolimo nezokungcebeleka ukuqinisa isithunzi sabantu.

## IZIMISO EZINQALA

Ukuveza obala • Izibophezelo • Ukubonisana • Ukuzibophezela nokwethembeka



# UHLU LOKUQUKETHWE


| | |
|---|---|
| Amazwi Okwandulela oMhleli | 04 |
| Isandulelo seMeya | 05 |
| Amazwi kaMenenja kaMasipala | 07 |
| UMasipala waseHarry Gwala uMkhandlu oMkhulu | 08 |
| Ukukhishwa kombiko weSimo saManzi | 10 |
| Inqophamlando kwethulwa igumbi lokucwaninga lezobuchwepheshe esikoleni | 11 |
| Umhlangano Wokuqala woMkhandlu | 12 |
| Abase-Harry Gwala bavakashela izikole | 14 |
| Sidinga ubuchule phambili kohulumeni bezindawo - UMeya weSifunda uNxumalo | 16 |
| Ama-workshop akwa-Dunlop adluliselwe eSifundeni iHarry Gwala | 17 |
| Kufike imishini emisha ezosheshisa intuthuko | 18 |
| Bethweswe imiyezane abethimba lophiko lwezimali e-Harry Gwala | 19 |
| IMeya uNxumalo nezimeya ezingaphansi kweSifunda basho ngazwi linye ngentuthuko | 20 |
| Bahlomule ngezitifiketi zokushayela ama-TLB | 21 |
| Ukwethulwa kwesikhwama iBroadband Access Fund, uhlelo lokudala imisebenzi lukamengameli kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala | 22 |
| Kukhunjulwe owayeyiMeya eHarry Gwala | 23 |
| Umphakathi wasexobho uhlonyiswe ngolwazi kwezezimali | 24 |
| Isizinda Sezinhlekelele: Umbiko Wesigameko | 25 |
| Uhlelo Lokulethwa Kwamanzi e-Summerfield Namaphethelo (Phase 2) | 27 |
| Ulwazi Oludingwa Amakhasimende | 28 |
| UMqondisi wezaManzi nethemba lokuqoqa ama-rates, ukuthuthukiswa kwabasebenzi nokudala amathuba emisebenzi | 29 |
| UMphathiswa uKhoza ugqugquzele ukuhlanganyela emnothweni | 30 |
| Ukubuyekezwa kweSabelomali sika-2023/2024 | 31 |
| Kwethulwe isithangami se-LGBTQIA+ eSifundeni iHarry Gwala | 32 |
| Sekuqalile ukulungiswa komgwaqo ngezigidi okuzofukula umnotho wasemakhaya | 33 |
| Ezemidlalo eqhulwini lokulwisana nesihluku sobulili eSifundeni | 34 |
| Inxakanxaka ixake izimbangi zigabavula kwi-Summer Cup | 35 |

AMAZWI OKWANDULELA OMHLELI

# Siyiletha kubantu, eyabo!!!



**UMnu uNdabezitha Tenza**
Umphathi Wezokuxhumana

NGIYABINGELELA kubafundi bethu abahloniphekile nabathembekile. Kuyintokozo kakhulu ukwethula umbiko ngazo zonke izindaba ezithinta ukulethwa kwezidingo nentuthuko okuyizinto umasipala wethu azibeka phambili.

Lolu shicilelo luzophuma njalo ngekwata onyakeni. Sibonga siyanconcoza kini nonke ngokweseka lolu shicilelo. Okumqoka kithi ukuthi abafundi bethu nalabo esibambisene nabo kumasipala behlale bazi ukuthi kwenzekani ngazo zonke izikhathi. Indlela evulelekile esethula ngayo imibiko yethu isenza sehluke.

Ake ngihalalisele ithimba lethu lezokuXhumana, kusaqala unyaka nje, ngokuqokwa njengelihamba phambili ngokukhuthalela ezokuqoqwa kwezimali (Most Active Communications Team on Revenue Collection). Lokhu kwenzeke emcimbini i-Salga National Communicators Forum e-ICC eThekwini mhla ka-12 Disemba 2023.

Lo mklomelo akukhona ukuthi ligqamisa indlela engenza ngathi ekuholeni ezokuXhumana, kodwa ikhono lokwenza iminyakazo nokuqonda izindlela ezisebenzayo kwezokuxhumana okuyinsika ekuxhumaneni nababambe iqhaza, ikakhulu imiphakathi.

Ukuxhumana nemiphakathi sikwenze kakhulu ezindabeni ezithinta ukulethwa kwezidingo kubantu nokusatshalaliswa kwamakhalenda. Yizinhlelo ezinje ezisisondeza kubantu, kuvaleke igebe phakathi kukamasipala nabo.

Yebo khona kuningi osekushintshile kwezokuxhumana ngenxa yokuthuthuka kwezobuchwepheshe, kodwa abantu basathanda ukuthi baphanyeke amakhalenda ezindongeni. Ngaleyo ndlela siyakwazi ukuthi sishebe izindlela ezindala nezesimanje ekuxhumaneni nabantu.

Le ndlela ilekelela kakhulu ekuhleleni njengoba imihlangano isuke seyaziwa, okunika bonke ababandakanyekayo neminyango kaMasipala ithuba lokuzihlela.

Saba neshwa lezikhukhula ezinyageni ezimbalwa ezedlule, kodwa siyabonga ethimbeni lethu lezinhlekelele ebelehla lenyuka lisiza abantu ukunciphisa umonakalo, lihlanganisa nemibiko ngokwenzekayo.

NjengoMasipala sifisela uMnuz Lindumusa Gwala okuhle kodwa esikhundleni esisha sokuba uMqondisi woMnyango wakwa-Water Services. Siphakela amanzi futhi sengamele lo msebenzi, ngaleyo ndlela uMphephethwa unomsebenzi omkhulu ombhekile ohlanganisa izinhlelo zamanzi nokuhlanzeka kuMasipala.

Unyaka siuwuqale kahle kwakhona abahlomula ngamakhono ohlelweni i-TLB Youth Skills Development Training Program, bathola izitifiketi ezigunyazwe uMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Lolu hlelo lubandisela amathuba okuthola amatoho, lugqugquzele nokulingana kwamathuba entsheni. Enye yezinto eseqhulwini ukuthi abasebenzi bathuthukise amakhono njengoba saba nethimba loMnyango wezeZimali elithole izitifiketi ze-Project Management, Municipal Finance Management nePublic Administration zase-Fachs International College ngoNovemba 2024.

Izinhlelo abebekuzo zigunyazwe abe-Services SETA, PSETA ne-LGSETA

Abe-Harry Gwala Development Agency ngokubambisana nenkampani iSumitomo Rubber SA (eyayibizwa ngeDunlop) badlulisele izindawo zokulungiswa kwamathayi ezimoto okuhlumulise intsha.

Kuyacaca ukuthi ukubambisana neminyango kahulumeni kuyasebenza, nabantu sebekhombise ukukuthakasela. Bheka nje ukwethulwa kohlelo lokufakwa kwamakhebuli amasha azosheshisa i-internet okwenziwa uNgqongqoshe wezokuXhumana nezobuChwepheshe kwamukeleke kahle kubantu base-Kokstad. Lolu hlelo luhlose ukuxhasa abafaka amakhebuli abazoxhuma imizi ebalelwa ku-50 000 nama-hot spots e-WiFi omphakathi ango-3000. Kuwo lowo mnyama uMphathiswa wezeziMali KwaZulu-Natal uPeggy Nkonyeni uhambele iSifunda sethu ezoqwashisa ngezezimali kumfelandawonye wosomabhizinisi nomphakathi wonkana.

IMeya uKhansela ZD Nxumalo umeme zonke izimeya zomasipala abane abangaphansi kwe-Harry Gwala ukuba bakhulume ngentuthuko ezindaweni zabo emsakazweni Igagasi FM ngoDisemba 2023.

Ube yimpumelelo umjaho wamahhashi iHarry Gwala Summer Cup obuseDazini Horseracing Track ngoNovemba 2023, nabantu bawuthakasele kakhulu umcimbi.

Kwezimbi, unyaka uphele kumuncu ngemuva kokudlula emhlabeni kowayeyiMeya yeSifunda uKhansela Jini Khoza osishiye emhlabeni ngoNovemba 2023. Alale ngokuthula.

Ayibonane ngokuzayo



**UNKS UNONTUTHUKO NGUBANE**
UMXHUMANISI KAMASIPALA NOLUNTU (PRO)

**UMNU ULINDOKUHLE CHILIZA**
OMELE I-GOVERNMENT COMMUNICATIONS AND INFORMATION SYSTEMS (GCIS) EHARRY GWALA



# Asiphume sonke ngobuningi siyovota

**Unyaka Omusha**

EGAMENI loMkhandlu wase-Harry Gwala, nginifisela okuhle kodwa kulo nyaka. Sihlale izithonto emsebenzini zisuka amadaka. Lolu ushicilelo lokuqala onyakeni. Luzophuma njalo ezinyangeni ezintathu ukuze futhi luzoba yishashalazi lokwazisa izakhamuzi eSifundeni sethu ngezinhlelo zikaMasipala.

Nokho sivule unyaka ngendlela engemnandi ngemuva kokwemuka kwabantu abathathu eSifundeni iHarry Gwala ngenxa yezikhukhula ebezingoJanuwari. Ulaka lwemvula esilubonayo luyinkomba yokushintsha kwesimo sezulu okuzoba nomthelela ekuphazamisekeni komnotho nezimpilo zabantu jikelele.

Njengobagunyazwe ukuphakelwa kwamanzi, siyazi ukuthi lesi simo sezulu sizoza nezinselelo ekuvikeleni kwengqalasizinda yamanzi ngenxa yezikhukhula zezimvula ezinamandla.

Nokushisa okwedlulele kungadala isomiso kuthinteke nezempilo. Ngaleyo ndlela siyiSifunda kumele sihlale siqwashile ngokuguquguquka kwesimo sezulu ukuze kube nezindlela zokuqhubeka nokuphakela abantu amanzi ngempumelelo nakulezi zimo.

Ngasezintweni ezinhle, kube yintokozo kakhulu ukuthi iSifunda nomndeni womasipala abangaphansi kwaso - esingabala iGreater Kokstad ne-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma baphephezelise ifulegi leSifunda ngokwenza ezibukwayo emiklomelweni yoMnyango wokuBusa ngokuBambisana nezeNdabuko KwaZulu-Natal eMgungundlovu muva nje. Le miklomelo ebizwa ngama-Excellence Awards, ihlose ukukhuthaza ukusebenza ngokuzikhandla nokuza nezindlela ezintsha ekulethweni kwezidingo kubantu nokugqugquzela imikhuba emihle.

Omasipala bebencintisana eminxeni engu-17 ebigxile ezinhlelweni ezahlukene.

ISifunda sethu sidle ubhedu kule minxa elandelayo:

- **ISifunda esivelele ohlelweni lwe-Expanded Public Works** – Harry Gwala District Municipality
- **IKomidi leWadi elivelele:** Ward 1 kuMasipala i-Greater Kokstad
- **Uhlelo lukagesi oluphethwe kahle umasipala:** Dr Nkosazana Dlamini Zuma Municipality



**UMhlonishwa, uMeya uKhansela uZ.D Nxumalo**

**Ngaleyo ndlela siyiSifunda kumele sihlale siqwashile ngokuguquguquka kwesimo sezulu ukuze kube nezindlela zokuqhubeka nokuphakela abantu amanzi ngempumelelo nakulezi zimo.**

Le miklomelo ichaza ukuthi kunezindawo lapho senza kahle khona nesingafunda ngazo ukuthi senyuse amasokisi lapho sisilele khona. Sithi nje halala eSifundeni noMasipala iGreater Kokstad ne-Dr NDZ.







**Kwakuyinjabulo yodwa kubafundi ngesikhathi abavela kuMasipala weSifunda iHarry Gwala behlola ukulungela ukufunda ezikoleni.**

### Uhlelo lwe-Back to School

ISifunda, ngokubambisana ne-Harry Gwala Development Agency (HGDA), sihambele izikoleni ezahlukene ngaphansi komkhankaso wokuhlola isimo sokufunda nokukhuthaza izingane ukuba zibe sezikoleni. Izikole ezihanjelwe iThembalethu Senior Secondary, Mount Currie Senior Secondary, Nkomose High School, Ixopo Village Combined School, Leshman High School, Qulashe High School, Mfulamhle Combined School ne-Clydesdale Senior Secondary.

Kulezi zikole sishiye amakhalenda, ama-diary, izinsiza-kufunda zesayensi, samnikela nangamavawusha enyumfomu nezinye izinsiza.

### Umjaho i-Harry Gwala District Marathon

Kusezinhlelweni zeSifunda sethu ukuba umjaho wabasubathi wamimyaka yonke, i-Harry Gwala District Marathon, ube ngomunye wemicimbi emikhulu esinayo. onyaka uzoba mhla ka-31 Mashi 2024. Uzosukela esiteshini samaphoyisa e-Ibisi uze uphelele e-Ixopo High School.

Ngaphandle kokuthi lo mjaho webanga lika-42.2km unesasasa elikhulu kubagijimi base-Harry Gwala, baya ngokwanda nabagijimi abasuka kwezinye izindawo esifundazweni nakuzwelonke futhi uheha nabakwamanye amazwe imbala. Ngale kwe-marathon, kukhona nowebanga le-half-marathon, owe-10km ne-fun run ka-5km.

Imali yokungenela iqala ku-R100 iye ku-R350, kuya ngokuthi ungenela liphi ibanga.

Omakadebona babagijimi bawuthandela umzila wawo onezindawo ezibukekayo ngobuhle. Kuyasijabulisa ukuthi abaxhasi nesibambisene nabo kulo mjaho bazimisele ukubhekela abagijimi ngazo zonke izindlela. Ngalesi sizathu silindele umjaho oyimpumelelo nonyaka kanti simema bonke abanesifiso sokuba yingxenye yawo ukuba baphuthume babhalise.

### Amakhansela nababhekene nezidingongqangi

Ngabe ngenza iphutha uma ngingaphawuli ngomsebenzi oncomekayo owenziwa abasebenzi bethu namakhansela ngesikhathi samaholide. Ukuzinikela kwabo ekusebenzeleni umphakathi, ikakhulu ngezikhathi zobunzima kwaveza obala ukuthi sinamasosha akulungele ukufela izwe.

Yisiqubulo sethu lesi eSifundeni, ukuthi sinakekelane futhi sinakekele imiphakathi yethu kungabi ukuthi senza umsebenzi esiwuqashelwe kuphela, asikwenze ngoba sinobuntu. Sibonga kakhulu zingane zakwethu ngalo mnikelo eniwenze emphakathini ngesikhathi samaholide, sizoqhubeka nalo mgqigqo nonyaka.

### Asivoteni

Angivale ngokuthi ngikhuthaze ukuba umuntu nomuntu osekubhalisekle ukuvota eSifundeni sethu, aqinisekise ukuthi uyalisebenzisa leli lungelo lakhe elivikelwe kuMthethosisekelo lokuthi mhla ka-29 Meyi 2024 ayovota. Asiphume ngobuningi bethu ngoba indaba yokuzikhethela uhulumeni wakho sasincishiwe yona singabamnyama imninyakanyaka. Empeleni ukuvota kuwukukhombisa ukuthanda izwe lakho, nokuba nokuzinikela ekulithuthukiseni.

AMAZWI KAMENENJA KAMASIPALA

# Sebenzisana Nathi ukuze siqhubeke nemizamo yethu yokuletha intuthuko



**UMnu uGamakulu Ma-Art Sineke**
IMenenja kaMasipala

NGIYABINGELELA kubo bonke esibambisene nabo nabangabafundi balolu shicilelo kuMasipala weSifunda iHarry Gwala. Kuningi okwenziwa yilo mbiko ophuma njalo ezinyangeni ezintathu, kodwa okumqoka kakhulu ukuthi leli yithuluzi lokuxhumana eliselekelela ukuba sihlale sixhumene nabantu.

Sizinikele ekusebenzisaneni siqinisekise ukulethwa kwamanzi ahlanzekile okuphuza nokuphakelwa okungaphazami kwamanzi nokuthuthwa kwendle. Ngale ndlela kuvikeleka isithunzi somuntu.

NjengoMasipala weSifunda, sibika ngezindlela ezahlukene njengawo lo mbiko lapho sikwazi ukunazisa ngenqubekelaphambili ngezinhlelo zokulethwa kwezidingo.

Kunemthetho lapha enjengo-Section 72 (1) we-Lovcal Government Municipal Finance Management Act No. 56 ka-2003. Omunye ubizwa nge-Preferential Procurement Polivcy Framework Act No. 5 ka-2000 bese kuba yimigomo yokusebenza komasipala. Le mithetho icacisa ngeqhaza leMenenja kaMasipala ekuhloleni ukusebenza kwawo engxenyeni yokuqala yonyaka. Lapha kubalwa imibiko yezimali, isimo sokulethwa kwezidingo nokugcinwa kwezethembiso nezikalo zezinga lomsebenzi nokuphathwa kohlelo lwesabelomali.

Umthetho uphinde ugunyaze ukuthi kubuyekezwe bese kwenziwa iziphakamiso zokuguqula izinhlelo zesabelomali. Ngokusebenzisa le mithetho sikwazile-ke ukubheka kabusha sabuyekeza isabelomali ngemuva kwenguyazana esibe nayo yokuhlela umsebenzi wonyaka.

Ngalesi sabelomali esikhona, sinethemba lokuthi njengomasipala sizokwazi ukuphothula izinhlelo ngemfanelo kulo nyakamali nasonyakeni ozoqala. Sizinike nethuba lokubuka kabusha indima esikhathuliwe maphakathi nonyaka, kwathi lapho kungaphothulwanga kahle sabeka amasu amasha okuqinisekisa ukuthi lezo zinkinga ziyalungiswa.

Ukuhlanganiswa kohlaka lwesabelomali sekuqalile, maduze uzobe selwethulwa eMkhandlwini kube sekulandela ukudluliselwa eMnyangweni wesifundazwe wezeziMali ukuze bacubungule nabo.

Kuyintokozo kimi ukubika ukuthi ngibona sisendleleni eyiyo ngokuphathwa kwezimali. Ngibhala nje sisanda kuthola umbiko ongenagcobho ovele kuMcwaningimabhuku Jikelele, noma kukhona izindawana ezidinga ukunakisiswa.

Umthetho uthi inhloko kamasipala kumele ihlele umbiko wezimali ukuze wethulwe kuMcwaningiu mabhuku jikelele. Sizishaya isifuba-ke njengoMasipala weSifunda ukuthi sikwenzile lokhu.

Silindele ukuzwa izimvo zenu ngohlelo lwesabelomali olusetafuleni oluzokwethulwa ngeimijikelezo yethu ye-IDP nomkhankaso wokwethulwa kohlaka lwesabelomali kubantu.


Angigcine ngokwenza inhlabamkhosi kwesibambisene nabo nomphakathi wonkana ukuba sishaye isixaxa ndawonye emkhankasweni wokuphucula izinhlelo zokulethwa kwezidingo kubantu.

Ngiyabonga.

## ABAQONDISI ABAPHEZULU



**UMNU UKHULANI MTHEMBENI BRIAN MZIMELA**
ISikhulu Esiphezulu Sezezimali



**UNKS UNTOMBIFUTHI NOMVUSELELO FORTUNATE BUTHELEZI**
Ezenhlalakahle Nezokuhlela Intuthuko



**UMNU UNKULULEKO BIYASE**
Izinsizakalo Zengqalasizinda



**UNKK UTHOBILE THELMA MATHIYANE MAGAQA**
Ezabasebenzi



**MR. LINDUMUSA GWALA**
Izinsizakalo Zamanzi

# UKUKHISHWA KOMBIKO WESIMO SAMANZI

### Inhloso ngesitifiketi esibizwa nge-Blue Drop

UHLELO lokukhishwa kwesitifiketi esaziwa nge-Blue Drop lwenzelwe ukubeka obala izinga elamukelekile lamanzi ngaphansi kukamasipala. Inhloso ukuphucula izinga lokulawulwa kwamanzi okuphuza eNingizimu Afrika. Ngaleyo ndlela lolu hlelo yilona thuluzi lokukala ukuphepha nokuhlanzeka kwamanzi ezweni.

Ukusebenza kwale migomo kumqoka ekulethweni okufanele kwamanzi futhi yiyo egunyazwe iziphathimandla eNingizimu Afrika, nenconywa nakwamanye amazwe. Imigomo eyiyo ibonakala ngokucacisa okudingekayo nezibopho okumele zenziwe izikhungo ezisebenza amanzi, ngaleyo ndlela kuba lula ukuvikeleka kwabantu abasebenzisa la manzi, kungabi nengozi ekunakekelweni kwawo.

Ukukhishwa kwezitifiketi ze-Blue Drop sekuthole ukwesekwa kakhulu emkhakheni wamanzi kuleli selokhu kwaqala ngoSepthemba 11. Ekuqaleni lolu hlelo lwaluyinezinhlelo ezimbili: Ukukhishwa kwesitifiketi se-Blue Drop esicacisa ngezinga lamanzi okuphuza; nesinye esibizwa nge-Green Drop Certification sokulawulwa kwamanzi angcolile.

Lolu hlelo lube selunwetshelwa emunxeni wesithathu: I-No Drop Certification iqondene nokongiwa kwamanzi nokulawula ukuphakelwa kwawo kubantu.

Uhlelo lwe-Blue Drop lukala, luqhathanise ukwenza kwezikhungo zamanzi bese kuklonyeliswa noma kuhlawuliswe lezo zikhungo ngomsebenzi omuhle noma ukwahluleka kwabo. Kunamazinga-ke nemiklamo echaza okuhle nokubi.

### Ukukalwa kwe-Blue Drop

Imikhiqizo yokuhlolwa kwe-Blue Drop ka-2021-22 imi kanje:

- Isikhungo nesikhungo sokulethwa kwamanzi siyavivinywa sinikwe amaphuzu afanele, bese kudidiyelwa amaphuzu ezikhungo zikamasipala onke isibalo sikhishwe sibe ngamapheshenti. Amaphuzu atholwa afaka namanzi alethwa ezinye izinhlaka okubalwa kuzo ama-water board uma kunohlelo olunjalo.
- Kuphinde kube namaphuzu ngezindlela eziqinisekisa ukuphepha kwamanzi, nakhona ngamaphesenti (%)
- Kuhlolwa nezinga lendawo esetshenziselwa ukuhlanzwa kwamanzi nokuphakelwa kwawo kubantu, nakhona kusetshenziswa amaphesenti (%)

Amaphuzu eBlue Drop anikezwa isikhungo ngesikhungo ngemuva kwemiphumela esuke ihlolwe umcwaningi mabhuku ehlola umsebenzi eminxeni emihlanu, namabhonasi kanjalo namaphuzu agodliwe. Umunxa ngamunye unesilinganiso samaphuzu esehlukile kuye ngezidingo zabalawuli. Le mina imi kanje:

1. Ubungako komthamo womsebenzi nokuphatheka kwawo
2. Ukunakekeleka kwezinga lamanzi okuphuza
3. Ukuphathwa kwezimali
4. Izinga lokuqondwa komsebenzi
5. Ukufaneleka kwezinga lamanzi okuphuza

Amaphuzu e-Blue Drop esikhungo ngasinye amiswe ngale ndlela:

| | | | |
|---|---|---|---|
| | >95-100% | Isimo esisezingeni eliphezulu, | sidinga ukunakekelwa kuqhubeke kanje |
| | >80-<95% | Umsebenzi omuhle | lisengakhuphuka izinga |
| | >50-<80% | Umsebenzi owemukelekile, | isimo singenziwa sibe ngcono |
| | >31-<50% | Umsebenzi ongagculisi neze, | kunesidingo sokungenelela kuphuculwe isimo |
| | 0-<31% | Isimo esibucayi kabi, | kudingeka ukungenelela kutakulwe umkhumbi ocwilayo |

***QAPHELA:*** *Onesitifiketi se-Blue Drop: Isikhungo samanzi esinamaphuzu alapha ko-95% nocwaningo olusezingeni ngenhlanzeko namakhemikhali akalwe kahle, lesi simo sibizwa nge"Blue Drop Certified".*

KwaZulu-Natal, umlawuli walolu hlelo wadalula ukuthi zintathu izikhungo zamanzi ezinikwa amaphuzu angu-95% uma zikalwa ngezinga le-Blue Drop zase zinikwa lesi sitifiketi. Ngo-2014 ziyisishiyagalombili izikhungo ezazinalezi zitifiketi, ngaleyo ndlela sekube khona ukwehla kwezinga njengoba ngo-2023 isifundazwe sikhombise imiphumela engemihle.

Zinhlanu iziphehli kwezingu-14 ezikhombise ukuphucula isimo kusukela ngo-2014, ezise-Harry Gwala DM, iLembe DM, uMgungundlovu DM, Umkhanyakude DM and uThukela DM.

UMasipala weSifunda iHarry Gwala ubalwa nabahlanu abanezikhungo abakhombise ukwenyusa amasokisi ocwaningweni lwe-Blue Drop njengoba ngo-2023 ucoshe amaphuzu angu-66.2% usuka ku-62.9% ngo-2014. Zingu-21 iziphehli zamanzi nezikhungo ezihlobene nazo ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala, kanti ziphakela amanzi abantu abangu-510 000.

I-Water Services Authority (WSA) iphakela u-93% kuthi u-7% kube amanzi athunyelwa Umgeni Water ngabesikhungo Ixopo WTW.

Ngeshwa kuneziphehli ezimbili iMachunwini neChibini lapho izinto zingahambi kahle ngokuphelele, ngokusho komlawuli okhononda ngokushoda kwemininingwane okudalwe ukuthi imishini yobuchepheshe ike yangasebenza isikhashana ngenxa yezikhukhula zika-2022.

Phezu kwezingqinamba, phakathi kwazo okukhona nokuguga kwengqalasizinda, uMasipala iHarry Gwala ukhombise ukuzinikela ukwenza ngcono isimo. Izindawo ezinkulu ezidinga ukulungiswa, phakathi kokunye, yilezi:

- Ukuphathwa kwezimali, ikakhulu ukuvikela ukuphakelwa kwamanzi
- Ukwandisa nokuqinisa izandla ezengamele umsebenzi
- Ukuqinisekisa ukuba khona kwekhono
- Ukunakisisa ukulandelwa kwemigomo

# Inqophamlando kwethulwa igumbi lokucwaninga lezobuchwepheshe esikoleni









**Ukwethulwa kwe-cyber lab esikoleni iLittle Flower Combined lapho kwakukhona UMhlonishwa uMondli Gungubele onguNgqongqoshe woMnyango wezokuXhumana nezobuChwepheshe, noMphathiswa wezokuThutha, ukuVikeleka koMphakathi nokuXhumana uSipho Hlomuka, iMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, nePhini lakhe uKhansela Zinhle Miya.**

UNGQONGQOSHE wezokuXhumana nobuChwepheshe, uMhlonishwa Mondli Gungubele, wedlulisele ngokusemthethweni igumbi elibizwa nge-Cyber Lab kothisha nabafundi base-Little Flower Combined School eXobho, ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Lena yingxenye yohlelo i-National Cyber Lab Programme okuhloswe ngalo ukuqeqesha abafundi abasebancane ukuze balungele ikusasa elidinga ulwazi kwezobuchwepheshe.

UNgqongqoshe ubehambisana neMeya kaMasipala weSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo nePhini layo uKhansela Zinhle Miya nezinye izikhulu kulo masipala.

Isikole iLittle Flower Combined silandela iqeqebana lezikole zaseMpumalanga Kapa naseLimpopo nezinye eziKwaZulu-Natal esezingeniswe ebuxhakaxhakeni bobuchwepheshe bamanje ngala magumbi asezingeni elicokeme.

Lezi zindawo zocwaningo ngobuchwepheshe zinobutsetse bamakhompyutha nobuchwepheshe bekhethelo namathuluzi okubalwa kuwo ama-laptop nezinjini zokugcina ulwazi lwekhompyutha nge-internet.

Umcimbi wokwethula lo msebenzi omuhle kangaka uwumphumela wohlelo lwe-State Information Technology Agency (SITA), engungqaphambili kwezobuchwepheshe kuhulumeni ngaphansi koMnyango wezokuXhumana nobuChwepheshe.

UNgqongqoshe uGungubele, ekhuluma nabebekhona kulo mcimbi, uthe lo msebenzi unika ithuba iNingizimu Afrika lokuqinisekisa ukuthi intsha iba yingxenye yomnotho othuthukayo ngomuso.

"Izinguquko ezaziwa nge-Fourth Industrial Revolution zisho isikhathi esahlukile emnothweni. Umnotho womhlaba manje uphethwe ngobuxhakaxhaka bezobuchwepheshe, ngaleyo ndlela kuningi okungavuswa ubuchwepheshe abantu baziphilise ngakho," kusho uNgqongqoshe owengeze ngokuthi indlela enqamulelayo yokuthi izwe lizuze ngalokhu ukuphucula ezokuxhumana nokuthuthukisa amakhono.

Njengoba kuthuthukiswa amakhono abafundi kwezobuchwepheshe, uMnyango usebenzisa uhlelo lwe-SA Connect ukufaka ingqalasizinda kwazise uzimisele ukuxhumanisa u-80 wamakhaya nge-internet eminyakeni emithathu ezayo.

"Laba bafundi bazokwazi ukuba kwezokuxhumana bafunde okuningi okusha ukuze uhlelo luqaqe amathuba okuthuthukisa umnotho," kusho uNgqongqoshe uGungubele.

Abafundi ezikoleni ezinamagumbi ezobuchwepheshe bathola ukulolongwa ngezindlela ezahlukene zobichwepheshe besimanje njenge-Robotics, Coding, Digital Skills ne-Artificial Intelligence. Kwaba nesifundo sezokuvikeleka kwemininingwane kwezobuchwepheshe ukuze baqwashiswe ngokugwema izinto ezingalungile ezenzeka ekuxhumaneni nge-internet.

IMeya uNxumalo ihalalisele isikole, yathi le ndawo izolekelela abafundi bafeze amaphupho abo.







# Umhlangano Wokuqala woMkhandlu

UMASIPALA weSifunda iharry Gwala ube nomhlangano wokuqala onyakeni u-2024 mhla ka-24 Januwari ezindlini zoMkhandlu eXobho. Kulo mhlangano kwethulwe umbiko woMcwaningi mabhuku omkhulu nalapho kumenyezelwe ukuthi uMasipala uthole umbiko ongenagcobho. Lokhu kuchazwe njengenqubekela phambili njengoba phambilini umbiko wakhishwa nezinkonondo.

Umbiko ongenagcobho uyinkomba yegxathu elihlabela phambili kuMasipala njengoba kwaba nezikhalo emibikweni yeminyaka edlule.































## HARRY GWALA DISTRICT MUNICIPALITY

## PUBLIC NOTICE

### SCHEDULE OF COUNCIL MEETING DATES FOR 2024 CALENDAR YEAR

I, **Mr Gamakulu Ma-Art Sineke,** the Municipal Manager of Harry Gwala District Municipality, hereby give notice in terms of Section 19(a) of the Local Government: Municipal Systems Act 2000 (Act No. 32 of 2000), that all Council meetings of Harry Gwala District Municipality have been scheduled according to the attached approved schedule for the calendar year 2024. All Council meetings will be held in the **Harry Gwala District Municipality's Council Chamber at 10h00** unless otherwise communicated.

**Enquiries should be directed to:** Mrs. T.T. Thiyane-Magaqa, at Harry Gwala District Municipality by using the following telephone numbers: (039) 834 8700/8705 during office hours.

### ISAZISO SOMPHAKATHI

Mina, **Mnumzane Gamakulu Ma-Art Sineke,** oyi Menenja kaMasipala wesifunda iHarry Gwala, ngazisa ngokweSigaba 19(a) se Local Government: Municipal Systems Act 2000 (Act No. 32 of 2000), ukuthi yonke imihlangano ye Council izohlala njengoba kubhaliwe kuhlelo lonyaka ka2024. Yonke imihlangano izohlala ngo **10h00 kwi Council Chamber yomkhandlu wase Harry Gwala District.**

**Imibuzo mayiqondiswe ku:** Nkosikazi T.T. Thiyane-Magaqa, ehhovisini loMkhandlu, iHarry Gwala ngezikhathi zomsebenzi (039) 834 8700/8705.

**COUNCIL MEETING DATES FOR 2024 CALENDAR YEAR**

| DATE | TIME | VENUE | MEETING |
|---|---|---|---|
| 24 January 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 27 February 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 26 March 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 28 May 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 30 July 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 27 August 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 29 October 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |
| 12 December 2024 | 10h00 | Council Chamber | Council |

**MR G.M. SINEKE: MUNICIPAL MANAGER**

www.ayandambanga.co.za 62473KZN



**UMasipala weSifunda iHarry Gwala ne-Harry Gwala Development Agency (HDGA) bahambele izikole ezahlukene ngenhloso yokukhuthaza izingane ukuba zifunde. Izikole ezihanjelwe iThembalethu Senior Secondary, Mount Currie Senior Secondary, Nkomose High School, Ixopo Village Combined School, Leshman High School, Qulashe High School, Mfulamhle Combined School ne-Clydesdale Senior Secondary. Izikole zinikwe amakhalenda, amavawusha enyumfomu nezinye izinsiza-kufunda.**

# Abase-Harry Gwala bavakashela izikole

NJENGENGXENYE yokubamba iqhaza ekwenzeni ngcono ezemfundo, iMeya yeSifunda iHarry Gwala uKhansela ZD Nxumalo nobuholi boMkhandlu nobomasipala bezindawo, bahambele ezikoleni ezahlukene eSifundeni ngaphansi kohlelo i-Back to School.

Ngalolu hlelo kuhloswe ukukhomoza abafundi abenza kahle nalabo abadonsa kanzima ukuthi baagxile ezincwadini.

UMasipala, ubambisene nabe-Harry Gwala Develoment Agency banikele ngama-diary, amakhalenda namavawusha omfaniswano wezikole kanye ne-WiFi.









# Sidinga ubuchule phambili kohulumeni bezindawo – UMeya weSifunda uNxumalo








**Emhlanganweni we-Municipal Infrastructure Grant (MIG), iMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo wahlaba umkhosi kubaphathi komasipala ukuba bashintshe unyawo bafune izindlela ezintsha ngokulethwa kwezidingo kubantu. Kulo mhlangano kwakukhona izimenenja zomasipala nobuholi bomasipala abangaphansi kweSifunda.**

IMEYA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo isiyalele izimenenja emkhandlwini wayo nakomasipala abakhele lesi sifunda ukuthi abaqhamuke namaqhinga amasha azoqinisekisa ukuthi isabelo esaziwa nge-Municipal Infrastructure Grant (MIG) sifinyelela ezidingweni zomphakathi ngesikhathi.

UMeya uNxumalo ubekhuluma ezindlini zoMkhandlu eXobho muva nje, lapho ethe izindlela ezintsha zizophucula ukusebenza ukuze imiphakathi ekhungethwe yizinkinga isheshe isizakale.

UMkhatshwa uxwayise ngokuthi kunesivumelwano ngokuthi kuzoba nemihlangano yokwelusa nokubika inqubekela phambili yezabelo ze-MIG nokunyakaza kwemisebenzi exhaswe ngalezi zimali. Lezi zinguyazana zifaka phakathi izimeya zomasipala bezindawo, izimenenja zomasipala, abaphethe iminyango yezimali nezimenenja ezibhekele ingqalasizinda. Kulapha lapho kuzocutshungulwa khona ngokuphelele ngebanga eselihanjiwe emisebenzini okufakwe kuyo isabelo bese kusukunyelwa izinselelo kusashisa, kususwe nemigoqo engavimba ukuqedwa ngesikhathi kwemisebenzi kahulumeni.

Umhlangano wakamuva wethanyelwe nayizikhulu zoMnyango wokuPhatha ngokuBambisana nezeNdabuko.

Iningi lomasipala bazibophezele ekubekeni izinhlelo zokuthi kuthi kuphela unyaka wezimali, isabelo sibe sesibenze sonke ngendlela.

"Singomasipala, asikwazi ukulokhu siphinda amaphutha awodwa, sidinga ukushintsha ukuqalaza endleleni esenza ngayo izinto ukuze sithole imiphumela esiyifunayo nelindelwe abantu," usho kanje uMeya Nxumalo.

"Sidinga ukuhamba ngelinye igiya uma sizosheshe sifinyelele kubantu nezidingo abazibhekile kithi. Ukuqhubeka nezinto ezindala ezingasebenzi kulimaza izifiso ezinhle esinazo ngentuthuko, ikakhulu kule misebenzi exhaswe ngesabelo se-MIG. Kuzomele kufukuzwe, sizele ukuzoshintsha izimpilo zabantu lapha, uma sehluleka kusho ukuthi asiwenzi umsebenzi wethu nabantu behlelwa ukwethemba uhulumeni," kusho uMkhatshwa.

ISifunda iHarry Gwala nomasipala abangaphansi kwaso sebevele bahlelela unyaka wezimali ozoqala ka-2024/2025 ngokuthi uxhaso lwe-MIG ludingeka kuphi kakhulu.











**Banyelwa yinyoni esandleni osomabhizinisi bendawo abamukela ama-workshop amathayi axhaswe uDunlop.**

# Ama-workshop akwa-Dunlop adluliselwe eSifundeni iHarry Gwala

UKUBAMBISANA phakathi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala nophiko, inkampani iSumitomo Rubber, uphiko lwe-Harry Gwala Development Agency kanye nomasipala abangaphansi kwesifunda kube ubufakazi bokuthi ukwakha le mfelandawonye kungenzi umehluko omkhulu emiphakathi.

Lesi sixaxa sibe nomphumela omuhle njengoba kade kwethulwa izindawo zokulungisa amathayi ezine ngaphansu kwesifunda. Umasipala nomasipala ngaphansi kweSifunda iHarry Gwala uhlomulile nge-workshop yamathayi njengoba iMeya uKhansela Nxumalo, amakhansela nezimeya zase- Greater Kokstad, Umzimkhulu, Ubuhlebezwe ne-NDZ bedlulisele la mabhizini kulabo abazowengamela muva nje.

Lo mcimbi obuwenziwe ngokubambiaana nabakwa-Sumitomo Rubber SA (Dunlop) kanti kuhlomule osomabhizinisi intsha - abathathu besilisa noyedwa wesifazane.

"Njengohulumeni kuyisibopho sethu ukuqinisekisa ukuthi amathuba ayavuleka njengendlela yokwandisa abantu abasebenzayo, ukukhulisa umnothi weSifunda nokuqinisekisa ukuthi amakhono abantu balapha asebenzela iSifunda," kusho uMeya Nxumalo.

Lo mzamo uyingxenye yohlelo lokuvuselelwa komnotho emalokishini nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya.

# Kufike imishini emisha ezosheshisa intuthuko










**IMeya yeSifunda, uKhansela ZD Nxumalo evivinya i-TLB ukuze abone ukuthi iyasebenza ngesikhathi lo mshini unikezwa aboMnyango wezaManzi. Lo gandaganda uzolekelela ekusheshiseni okuyizidingo zomphakathi eSifundeni.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala uzoshaya ngesigqi esisha ngemishini emisha ceke ethengelwe ukulungisa amapayipi athutha indle alimele nokuphesha ingqalasizinda yamanzi ngokushesha.

Muva nje Meya weSifunda, uKhansela Zamo Nxumalo, wethule ugandaganda omusha oyi-TLB ozosethenziswa uMnyango wakwa-Water Services.

Kwethulwa lo gandaganda nje, ngonyaka odlule kwathengwa izimoto ezingu-12 okuzosetshenzwa ngalo ekulethweni kwezidingo kubantu. Besisikhulu isidingo sokuthi uMasipala ulungise ezokuthutha ukuze kwenyuke isivinini sokusizakala kwabantu. Isikhathi esiningi uMasipala ubuthembele ekuqasheni le mishini, okuwuhlelo oluthatha kude uma kuqhamuka izidingo eziphuthumayo ngenxa yemigomo okumele ilandelwe uma kukhishwa imisebenzi.

IMeya yeSifunda ithe uMasipala uzizwile izikhalo zabantu ngamapayipi aqhumile adinga ukusukunyelwa ngokushesha.

"Inhloso enkulu ukuthi abantu bangabi nezinkinga ezingapheli zamanzi nokuthuthwa kwendle ngoba lezi zinto zombili ziyilungelo elimqoka labantu. Sisibonile isidingo sokuthi sibe nezinto zethu ukuze sizenzele ngokushesha. Uma kukhona ipayipi eliqhumayo, ngeke sisalinda inkampani thizeni, sizoba nabantu bethu abaqonda ngqo lapho kunenkinga khona," kucacisa uNxumalo.

UMkhatshwa wengeze ngokuthi uhulumeni ukholelwa ekutheni izakhamuzi zinelungelo lokuthola amanzi ahlanzekile, aphephile ukuwaphuza nokulethwa kwamanzi okungaphazamiseki kanye nengqalasizinda efanele yokuthuthwa kwendle.




**Kwakukuhle kwethu ngesikhathi abasebenzi behhovisi lezezimali bethola izitifiketi ze-Municipal Finance Management Programme ne-Public Administration.**

# Bethweswe imiyezane abethimba lophiko lwezimali e-Harry Gwala

BAPHEPHEZELISE ifulegi likaMasipala weSifunda i-Harry Gwala abophiko wezeZimali ngesikhathi bethweswa imiyezane ngasekupheleni konyaka odlule.

Isikhungo i-Fachs International College/ Group sibe nomcimbi osukwini obelubizwa nge-Excellence Day lapho bebedlulisela izitifiketi kubafundi abebephumele emikhakheni ehlukene.

Kwabebeyingxenye yalaba bafundi bekukhona aboMasipala baseMajuba, Harry Gwala, Maphumulo, Umzumbe, uMkhondo, abe-Joburg Road Agency, Sci-Bono, uMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi ne-NECSA

Izinhlelo bezididiyele izifundo ezigunyazwe abakwa-SETA, iServices SETA, PSETA ne-LGSETA.

Abe-LGSETA bazwakalise ukukuthakasela ukuthi omasipala benza okusemandleni ukuthuthukisa amakhono kubasebenzi babo.

Abebenza lezi zifundo bahlomule ngezitifiketi kwi-Project Management Programme ne-Public Administration.

UKhansela Zamo Nxumalo, oyiMeya yeSifunda iHarry Gwalam ubongele abebekulolu hlelo abathweswe iziqu athe zibanike ulwazi oluzolekelela ukuphucula ukulethwa kwezidingo kubantu.

"Ingxenye ebalulekile emsebenzini wokuletha izidingo kubantu ukuthi kumele sibe nesabelomali



esihlelwe ngendlela ukuze imiphakathi iwubone umehluko. Laba abathweswe iziqu bazoba wusizo kumasipala ekutheni siphothule imikamo esizibekele yona," kusho uMeya uNxumalo.

Uwodwa umlayezo owawushiwo izikhulumi ngokushintshana kwazo ubuthi "IMFUNDO IWUKHIYE". Bekugcizelelwa kumele ushintshe wena ukuze kushintshe umhlaba, okwakuyisiqubulo esasetshenziswa isishabasheki uMahatma Gandhi owayelwa nobukoloni esebenzisa izindlela enokuthula okwaba yimpumelelo enkulu ekukhululekeni kwe-India engcindezelweni.

# IMeya uNxumalo nezimeya ezingaphansi kweSifunda basho ngazwi linye ngentuthuko









**Izimeya zakhuluma ngazwi linye ngentuthuko emsakazqweni Igagasi FM, lapho iMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo ahola izimeya ngokuthi kumqoka bawazise umphakathi ngokwenzekayo futhi balalele izikhalo zabantu. NeziMenenja zomasipala zaba yingxenye yale ngxoxo.**

IMEYA kaMasipala weSifunda iHarry Gwala ivule izandla muva nje ngesikhathi ikhuluma emsakazweni iGagasi FM, lapho ithinte kakhulu ezentuthuko, ikakhulu amanzi nenhlanzeko.

Kulokhu, uMhlonishwa u-Nxumalo ubephelezelwa izimeya zomasipala abangaphansiu kweSifunda iHarry Gwala,

UKhansela Jabulile Msiya waseMzimkhulu, iMeya kaMasipala uBuhlebezwe uKhansela Bathobile Ngubo, neyase-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uKhansela Sindisiwe Msomi kanye neMeya yase-Greater Kokstad Municipality uKhansela Lwanda Madikizela.

Izimeya zikhulume ngazwi linye kwezithinta intuthuko eSifundeni iHarry Gwala, zaphinde zaveza ezifisa ukukwenza kangcono.

Le ngxoxo yayingomhla ka-12 Disemba 2023 ohlelweni Indaba no-Alex Mthiyane kuGagasi FM.

Lapha izinkulumo zagxila ezinhlelweni namasu kaMasipala okuhloswe ngawo ukusondeza izidingo ngendlela ebonakalayo kubantu.

Nabantu baba nethuba lokushayela umsakazo bebuza imibuzo, bebeka nemibono yabo lapho kunesidingo khona. Ngale ndlela kwavuleka ithuba lokuxoxisana phakathi kwezakhamuzi nezimeya zase-Harry Gwala.

UMeya Nxumalo wakubalula ukuthi eqhulwini leSifunda ukuqinisekisa ukuphakelwa kwamanzi. Waveza ukuthi, njengoba kwenzeka ngo-2023, u-2024 uzoba unyaka wokulandela zonke ukuthi zonke izinhlelo zamanzi nenhlanzeko ziyanekekelwa.

UMeya Msiya waphawula ngobumqoka nomthelela we-District Develoment Model eMzimkhulu kanti uMeya Ngubo wathinta kakhulu indaba yezinselelo ezibhekene nomasipala wakhe nezinhlelo zokubhekana nazo.

UKhansela uMadikizela yena waqhakambisa iphupho likaMasipala iGreater Kokstad nabantu bawo lokuthi uhlelo lokuthuthukisa amadolobha esimanje alusukunyelwe njengoba bona behlela i-Eastern Seaboard Smart City.

Izimeya zonke zabonga ithimba leGagasi ngemfudumalo, ikakhulu umshayeli wohlelo u-Alex Mthiyane owenza ingxoxo ishukumise inkundla.

# Bahlomule ngezitifiketi zokushayela ama-TLB











**Abafundi babejabule ngesikhathi bemukela izitifiketi zokushayela i-TLB emkhankasweni okuhloswe ngawo ukwenza ngcono amathuba okuqasheka kwabasha. Umcimbi wawusezindlini zoMkhandlu eXobho, kukhona kuwo iMeya yeSifunda uKhansela ZD Nxumalo.**

BANIKEZWE izitifiteki abebeqeqeshelwa ukusebenzisa ama-TLB ngaphansi kukaMasipala weSifunda i-Harry Gwala.

IMeya yeSifunda, uKhansela ZD Nxumalo ehambisana nePhini lakhe uKhansela N Jojozi, uSomlomo uKhansela MSD Mdunge neMenenja uMnuz GM Sineke, badlulisele lezi zitifiketi zokuphothula ngaphansi kohlelo i-Youth TLB Training Programme.

Ephawula emcimbini wokukhishwa kwezitifiketi, uMeya Nxumalo uthe ukuthuthukiswa kwamakhono entsha kuseqhulwini lemisebenzi kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, ngaleyo ndlela bayaziqhenya ngokubona le minyakazo.

Uthe kancane kancane amathuba okuthi intsha iqasheke aya ngokuba ngcono ngoba sekukhona enamkhono angakwazi ukubuye ahlomulise iSifunda uma abaqeqeshiwe sebesebenza khona.

Bangu-12 sebebonke abamukeliswe lezi zitifiketi zokushayela ogandaganda bohlobo lwama-TLB. Kubathathe izinsuku ezinhlanu ohlelweni obelwenziwa ngaphansi koBuhlebezwe Local Municipality, eBenmore Farm.

Uhlelo lunikeze intsha amakhono okusebenzisa le mishini emqoka kakhulu njengoba kunezinhlelo zokuthuthukiswa kweSifunda. Empeleni luhamba ngalo uhlelo lamathuba alinganayo ngaphansi kwe-Employment Equity ne-BBBEE Support.

Laba abalandelayo bamukele izitifiketi:
1. Mdunge Ebohang
2. Mtolo Ayanda
3. Ngxabi Nstikelelo Blessing
4. Buyeye Siphokazi Zolelwa Precious
5. Sithole Lindokuhle Innocent
6. Shange Mthobisi Anele Amos
7. Dlamini Qiniso
8. Dlamini Thalente
9. Nyawose Bongumusa Condry
10. Nxele Sihle
11. Mngqithi Myekeli
12. Tshabalala Khanyiso










**UNgqongqoshe wezokuXhumana nobuChwepheshe iMondli Gungubela wethula isikhwama i-Broadband Access Fund ku-Ward 1 eGreater Kokstad.**

# Ukwethulwa kwesikhwama iBroadband Access Fund, uhlelo lokudala imisebenzi lukamengameli kuMasipala Wesifunda iHarry Gwala

UNGQONGQOSHE wezokuXhumana nobuChwepheshe, uMhlonishwa uMondli Gungubele, ngokwesikhundla sakhe sokujutshelwa eSifendeni i-Harry Gwala, ehambisana noNdunankulu uNomusa Dube-Ncube, uMphathiswa ojutshelwe eSifundeni uSipho Hlomuka, iMeya ye-Harry Gwala District Municipality uKhansela Zamo Nxumalo noMeya ye-Greater Kokstad Local Municipality uKhansela Lwanda Madikizela basanda kwethula uhlelo lwe-Broadband Access Fund ku-Ward 1, eKokstad.

Lesi sikhwama, siyingxenye yohlelo olwaziwa nge-SA Conect Phase 2 yona eyakhiwa ngokohlelo lukaMengameli lokudala amathuba omsebenzi olwaziwa nge-Presidential Employment Stimulus. Lesi sikhwama silekelela ukuxhasa izinkampani ezifaka olayini be-internet lapho kulindeleke ukuba kuxhunyelwe imizi engu-50 000 nokwakha ama Wi-Fi hotspots angu-3 000. Abamabhizinisi amancane abenza lo msebenzi wokwandisa ukuxhumana nge-internet basebenza kakhulu ezindaweni ezishodelwa ezokuxhumana kanti le ntuthuko yelekelela nokwehlisa inani lokufakwa kwe-broadband, kwande amathuba omsebenzi nokuba nomthelela omuhle ekukhuleni komnotho.

Inkampani iMzansi Connect enye yezaqokwa yafaka uhlelo i-Gigabit Mesh Network eSifundeni i-Harry Gwala lapho kwasizakala imizi ebalelwa ku-1 600 nabantu abangu-6 000 ku-Ward 1 ngaphansi kwe-Greater Kostad Municipality.

"Ngesikhwama i-Broad Band Access Fund, uhulumeni wakwazi ukwehlisa intengo ye-data njengoba kwakukhona ngisho iWi-Fi eqala ku-R5 ngosuku. Sisiza abantu bakithi ukuthi bakwazi ukusebenzisa i-internet ngendlela engambi eqolo, evikelekile nephephile. Inhloso yethu ukuthi sixhume imizi engaphezulu kwesigidi ezinyangeni eziyisithupha ezizayo," kusho uNgqongqoshe uGungubele.

UMhlonishwa uGungubele uthe okujabulisayo ukuthi i-Gigabit Mesh Network iwuhlobo olwakhelwe, lwahlelewa futhi lwahlanganisa onjiniyela abasebancane njengoba omdala kubo eneminyaka engu-25 ubudala.

"Sisuke singadlali uma sithi sifukula abantu abasha, abesifazane nabanokukhubazeka," usho kanje.

UNdunankulu uNomusa Dube-Ncube wenanele ngokuthi kunesasasa eliphezulu mngokwethulwa kwalolu hlelo kuMasipala iGreater Kokstad.

"Njengesifundazwe kuyasithokozisa lokhu kuthuthuka esikubonayo, ngalolu hlelo sibona ubufakazi obubambekayo bokuthi sithini uma sikhuluma ngempilo engcono. Njengalokhu siqhubeka nokubamisana noNgqongqoshe ekulethweni kohlelo lwe-SA Connect Phase 2, sibheke ukufukula abantu abangaphezulu kwesigidi ngamathuba omsebenzi," kusho uNdunankulu.

Uhlelo lwe-Gigabit Mesh Network lusetshenziswa nawosomabhizinisi abancane abangu-25 abaseMpumalanga, eGauteng, KwaZulu-Natal, Free State naseNorthern Cape.

Uhelo lwavivinywa ngokuthi lube khona iwadi newadi lapho kuzoba khona amabhizinisi amancane abazonakekela i-network kuleyo wadi.

"Kuningi okushintshayo ngomnotho emiphakathini ngenxa yalolu hlelo. Intsha isikwazi ukuziqalela amatohwana amancane isebenzisa i-internet, sebekwazi ukufaka izicelo zomsebenzi online kanti vele ukuba ne-internet kusondeza namathuba emfundo engcono. Bheka nje namabhizinisi enza ama-oda ngayo internet, adayisele abantu, futhi nezidingo zikahulumeni zisheshe zitholakale ngayo i-internet okuyindlela elula neshibhile, nomasipala bakwazi ukwehlisa izindleko futhi baqoqe kalula izikweletu," kuphawula uNgqongqoshe uGungubele.

Sezingu-16 izinkampani ezincane ezingama-ISP (Internet Service Providers) esezihlumule kulesi sikhwama kuzwelonke, iningi lazo eliphethwe yintsha, abesifazane nabakhubazekile. Umbiko ukhishwe uMnyango wezokuXhumana nobuChwepheshe.




**Kwakuwumunyu lapha abasebenzi bakaMasipala weSifunda iHarry Gwala nomphakathi bevalelisa kulowo owayeyimeya uMnuz Jini Patrick Khoza.**

# Kukhunjulwe owayeyiMeya eHarry Gwala

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala wenze umcimbi lapho kukhunjulwe khona owayeyiMeya e-The Peace Initiative Hall, eXobho. Beligcwele phama lapho izikhulumi bezisina zidedelana zibabaza iqhaza likaMnuz Jini Patrick Khoza muva nje.

Kuhlale obala ukuthi uMnuz Khoza wayethandwa abaningi ikakhulu labo asebenza nabo njengoba bemchaze njengomholi owayenomoya omuhle, ekhuthaza ububumbano futhi ebahlonipha abanye.

Ukushona kwakhe ngoNovemba 2, 2023, kushiye elikhulu igebe emndenini wakhe nasemphakathini weSifunda iHarry Gwala.

IMeya yeSifunda uKhansela Zamo Nxumalo, ngesikhathi ethula inkulumo esikhumbuzweni, ufanise uMnuz Khoza nobaba abebukela kuye ngezeluleko abenazo ezakhayo.

"Kunzima kimi ngoba besisondelene, ubefana nobaba kimi," kusho uKhansela uNxumalo.

UMnuz Khoza ubengumyeni kaMphathiswa uNonhlanhla Khoza woMnyango wokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natal kanti uKhansela Nxumalo uthi kuye bebefana nabazali.

"Abantu bavame ukuntela bethi wangikhulisa, ngaze ngavuthwa ebuholini kwaze kwaba ngifika lapha ngikhona manje. Ngiyimeya futhi nginguSihlalo wenhlangano ebusayo njengaye. Kodwa siyazi sonke ukuthi ku-ANC umuntu akakhethwa kanjalo," kuchaza iMeya uNxumalo.

"Okungijabulisayo ukuthi wathatha umhlalaphansi ngo-2011 ukuze abe seduze nomndeni wakhe yize thina sasisafuna aqhubeke asihole ngoba wayengumholi okhuthaza umoya woxolo nonbumbano."

OwayenguMphathiswa uMnuz Mike Mabuyakhulu, ungesinye sezihambeli eziqavile ezazisenkonzweni yesikhumbuzo, wachaza uMnuz Khoza njengesosha elalizinikele emsebenzini walo, elwela impilo enhle kubantu baseSifundeni iHarry Gwala.

Kwakungumuntu wabantu, ebabeka phambili njalo abantu. Silahlekelwe yindoda eyayisibani futhi iwuthanda umndeni wayo," kuphawula uMnuz Mabuyakhulu.

Izikhulumi ebezisina zidedelana bezivumelana ngokuthi wayenothando lwabantu abacindezelekile. Bathi wayengagcini ngemihlangano yasemahhovisi, ezifikela mathupha kubantu eqinisekisa ukuthi bathola izidingo zabo.

"Sizozwakala isikhala sakhe, wayenozwelo, ephana futhi enenhliziyo enhle, ngisho isimo sinzima ehlale ekhombisa ukuba nethemba," kuphawula owayeyiMenenja kuMasipala uMnuz MN Mabaso.

Ekhuluma egameni lomndeni, umfowabo uMnuz Thumbu Khoza, uthe balahlekelwe umuntu obemnene ethanda umndeni ngendlela exakile, futhi eyazisa inhlangano yakhe yezepolitiki.

"Ukuhamba kwakhe kuyesinda kithi siwumndeni, ubeyikho konke. Sishayekile impela futhi kulukhuni ukwamukela, usho kanje.

Uthe umnewabo wayeyibeka eqhulwini imfundo, eqinisekisa ukuthi bonke bayafunda nezingane zabo.

"Njengomndeni siyaziqhenya ngamagalelo akhe, ukusebenzela umphakathi kwakusenhliziyweni yakhe."

UKhoza ubekwe endlini yakhe yokugcina mhla ka-11 Novemba 2023.

# UMPHAKATHI WASEXOBHO UHLONYISWE NGOLWAZI KWEZEZIMALI







**UMphathiswa wezeZimali, uNkk Nelisiwe Peggy Nkonyeni, ngosuku lokuqwashisa ngokuphathwa kwemali lapho anxusa ukuba abantu bavame umkhuba wokuhlela ekusebenziseni imali.**

ABANTU baseXobho banyelwe yinyoni esandleni njengoba bengene ameholidini kaDisemba sebehlome ngolwazi kwezezimali ngemuva kokuba yingxenye ye-Financial Wellness Programme ebiholwa uMphathiswa wezeZimali uNkk Neliswa Nkonyeni.

UMphathiswa, ephelezelwa izimeya zendawo nabanye abamele uhulumeni nezinkampani ezizimele, babe nalo mkhankaso ePeace Initiative Hall ukuhlomisa abantu nezakhamuzi ngolwazi lokuphathwa kwemali ukuze kuvame umkhuba wokuhlela.

Lo mkhankaso waqiniswa ukuba khona abamele ibhange i-Standard Bank, abehhovisi lamabhizinisi amancane eMnyangweni wokuThuthukiswa koMnotho, Ezokuvakasha neZemvelo, abeZemvelo KZN Wildlife, abaseDube Trade Port, IThala, KZN Liquor Authority nabe-Harry Gwala Development Agency.

UMakhosi Latha, waKwaThathani ku-Ward 10 ngaphansi koBuhlebezwe Local Municipality, uthe lolu hlelo lumvule amehlo ngesidingo sokuhlela izimali zakho.

"Ngize lapha ngoba ngibonile ukuthi kukhona engingakuzuza. Ngifunde ukuth zikhona izindlela engingazisebenzisa ukuphatha kangcono imali. Nginesiqiniseko sokuthi baningi abazuze njengami ngoba siyadinga ulwazi olufana nalolu ngalezi zikhathi ezinzima zomnotho," usho kanje.

UThobeka Mbatha waseJolivet wancoma ukufika kwalolu hlelo ngesikhathi esihle ngoba akubuthandi ubunzima abuzwayo uma ephathe imali budlabha. "Sengifunde lukhulu lapha ukuze umuntu ahlukane nokuthwala kanzima ngenxa yokwehlulwa ukuhlelela imali. Ngizwe nangezindlela zokonga imali, ngijabule kakhulu ngokuba lapha," kusho uMbatha.

UMphathiswa uNkonyeni ugcizelele ukubaluleka ukuqwasha kwabantu, amabhizinisi nemindeni ukuthi imali bayisebenzisa kanjani ikakhulu kulesi simo somnotho obuthaka.

"Siyihhovisi likaMgcinimafa esifundazweni, sinqume ukuqala lo mkhankaso wokufundisa ngokuphathwa kwemali. Lezi zimfundiso sihlele ukuba zisatshalaliswe kuso sonke isifundazwe ukuze sigqugquzele imikhuba emihle ekuphathweni kwemali, sikhuthaze abantu ukuthi bonge imali. Kumele sikujwayele ukuthi singaboleki imali siyothenga inyumfomu yezingane yesikole, asisebenzise imali ngokucophelela," usho kanje uMphathiswa uNkonyeni.

IPhini leMeya yeSifunda, uKhansela Nosisa Jojozi uthe lo mkhankaso ungomqoka ngoba uthinta imali. "Siyakuthakasela ukuthi uMphathiswa uNkonyeni asukumele indaba yemali nokuphatheka kwayo, ikakhulu osomabhizinisi abancane.

# ISIZINDA SEZINHLEKELELE: UMBIKO WESIGAMEKO

### UHLOBO LWESIGAMEKO: IMVULA ENAMANDLA NOKUDUMA KWEZULU
### USUKU: JANUWARI 2024

ABAKWA-South African Weather Services (SAWS), ngoJanuwari, bakhipha isexwayiso sezimvula ezinolaka, ngaphansi kwezexwayiso u-level 2 no-4. Kusukela ngoDisemba wonyaka odlule kuya kuJanuwari 2024 kube nesimo sezulu esingesihle esifundazweni KwaZulu-Natal, kanti iSifunda sikaMasipala iHarry Gwala sithintekile yilezi zimvula ebezihambisana nokuduma nezikhukhula.

Njengendlela yokuqinisekisa ukuthi umphakathi uphephile engozini yamabhuloho nokwemuka, uMasipala weSifunda nabangaphansi kwawo bamemezela izexwayiso futhi amathimba ezimo eziphuthumayo ehlale elungele.

Izimvula zalimaza imizi eminingi nezindlu ezapheshukelwa uphahla, kwathi iningi lezindlu ezakhiwe ngodaka zabhidlika. Ngeshwa kwaba khona abaminzayo nabalimala.

Phakathi kukaJanuwari 9 no-18, isimo solaka lwezulu saba sibi kakhulu ngoba nomoya wawunamandla nomphezulu wadlalela ezindaweni ezithile. Nalapho kwaba khona imiphefumulo ephumayo kubo bobane omasipala bendawo. Ekugcineni kwalimala imizi engu-360, kwasala dengwane abantu abangu-40. Kule mizi yaba u-151 okwabhidlika kwasani, yaba ngu-191 eyathinteka kwathi abantu abangu-1 728 baphazamiseka. Amaphoyisa aqinisekisa abantu abane abashona ngenxa yezikhukhula - abathathu baminza kwathi oyedwa wacindezelwa yindlu edilikayo (eMzimkhulu nase-NDZ) kwabika umuntu oyedwa olahlekile eKokstad okusolakala ukuthi wemuka nabayisithupha abalimala eBuhlebezwe.

## E-DR NDZ LOCAL MUNICIPALITY

Kulo masipala kube nemvula enamandla ebihambisana nesivunguvungu mhla ka-17 Januwari 2024. Yaba namawala kula mawadi: 1, 2, 3, 4,5,6,7, 8, 9, 10, 11, 12 no-15. Amatyhimba abelokhu eqhubeka nokuhlola umonakalo ukuze kwenziwe imibiko. Ezigamekweni ezibikiwe kubalwe izindlu ezidlikile nokulimala kwempahla. Kwashona umuntu oyedwa ngokuminza kodwa akubanga bikho omunye umbiko wabalimele.

| INOMBOLO YEWADI | INDAWO | ISIBALO SEZINDLU EZITHINTEKILE |
|---|---|---|
| 1 | eMqatsheni naseMhlangeni | 2 |
| 2 | Enkuznini, Enhlanhleni no Mahwaqa | 7 |
| 3 | EKhubeni | 1 |
| 4 | EPhayindane, Kwashoba, kwaMashayilanga, Ezidweni, eMadwaleni, eNsimbini | 9 |
| 6 | ENgcesheni, eMaqoleni, eMathunzini, kwaVusamavila | 6 |
| 7 | eGqumeni, Mpengwana, Gala | 12 |
| 8 | Sibizane, Bhobhoyi, Kamagidela, Ngwagwane | 9 |
| 9 | Sopholile, Ezitendeni, kwa Phini, Y-Section, Nkwezela, Bhambatha and Obhukwini | 9 |
| 10 | Chibini, Xosheyakhe, Ntokozweni, Gobhogobho | 11 |
| 11 | eSharp, Okhalweni, Ntambamakhaba, Emangwaneni, Macabazini, Mafohla, Emvuleni, Mkhohlwa, Ntambamakhaba nase-St Catherine | 30 |
| 15 | Masamini | 1 |
| **ESEWONKE** | | **97** |



**Figure 1: KwaZaca kuWadi 2 kwaMahwaqa ngaphansi kwe-Dr NDZ**



**Figure2: KwaDlamini kuWadi 7 eReethabile ngaphansi kwe-Dr NDZ**

**Table 1: Isibalo sezigameko nomonakalo kuMasipala wendawo**

| OMasipala beziNdawo | Isibalo sezigameko | Imizi ekhahlamezekile | Imizi ebhidlikile: Ebhidlike yaphela nya | Imizi ebhidlikile: Imizi elimale kancane | Homeless | Abantu Abathintekile | Ukufa | Ukulimala |
|---|---|---|---|---|---|---|---|---|
| Dr. Nkosazana Dlamini Zuma | 2 | 113 | 19 | 83 | 10 | 569 | 1 | 0 |
| Ubuhlebezwe | 2 | 64 | 22 | 30 | 12 | 457 | 0 | 6 |
| uMzimkhulu | 3 | 141 | 68 | 78 | 25 | 578 | 3 | 0 |
| Greater Kokstad | 1 | 42 | 42 | 0 | 0 | 124 | 1 Abalahlekile | 0 |
| **SEKUKONKE** | **8** | **360** | **151** | **191** | **47** | **1728** | **5** | **6** |

## UMASIPALA WENDAWO UBUHLEBEZWE

Kube ubuwushuwushu ezindaweni eziningi kuMasipala uBuhlebezwe imvula enamandla ehambisana nokuduma nombani omubi. Imvula ibimandla kumaWadi 1, 3, 4, 9, 10, 11, 12 no-13 lapho kuthinteke khona abantyu abangu-457.

Iyisithupha imindeni esale dengwane, kwacekeleka phansi imizi engu-30, kwathi engu-22 yalimala okungayephi.

| iWadi | Indawo | Isibalo semizi ephazamisekile |
|---|---|---|
| 1 | Mahhehle, Ncakubana, Eziweni, Mahhafana | 18 |
| 3 | Ofafa, Ntakama | 12 |
| 4 | Mashakeni, Mandilini | 6 |
| 9 | Springvale, KoZondi, KoShange, Mntungwane, Eplangweni | 11 |
| 10 | Mhlabashane | 1 |
| 11 | Emahusheni | 5 |
| 12 | Mazabekweni | 1 |
| 13 | KwaMashumi, Nokweja | 2 |
| 14 | EMzumbe, Ebhayi | 6 |
| **SEKUKONKE** | | **63** |

Kunamabhuloho amaningi amancane asagqibekile, amanye abhidlika. Yila mabhuloho aphazamiseka:

1. Dabe
2. Ntakama
3. Bhensela



**Figure 2: Ibhuloho iDabe ku-Wadi 3 Ofafa ngaphansi koBuhlebezwe**



**Figure 2: Indlu edilikile eyomndeni wakwaKhambulefamily Ofafa, Emashaken, esigodini iGquzu ngaphansi koBuhlebezwe**

## UMASIPALA WENDAWO UMZIMKHULU

Kube nomoya onamandla nemvula enkulu kulo masipala. Izimvula zithinte amaWadi 7, 8, 11, 12,13,14, 15,

20,21 no-22. Isiyonke imizi ethintekile ibe ngu-141, kwaba nemindeni engu-25 esale ingenandawo yokufihla ikhanda, engu-68 imizi icekele phansi kwathi engu-78 yalimala okungayephi. Bangu-578 abantu abathintekile, kwashona abathathu ngokusho kwe-SAPS (ababili bagwilizile, oyedwa wawelwa yindlu).

E-Deepdale ku-Ward 22, kuwe indlu kwashona ingane eneminyaka emine, uSiphenathi Dzanibe, ngemuva kokulimala kudilika indlu

| IWadi | Indawo | Isibalo semizi ethintekile |
|---|---|---|
| Ward 7 | Mfulamhle | 1 |
| Ward 8 | Ngunjini, Driefontein | 10 |
| Ward 11 | James | 3 |
| Ward 12 | Machunwini, Rietvlei | 2 |
| Ward 13 | Teekloof, | 14 |
| Ward 14 | Siphahleni and Gugwini | 12 |
| Ward 15 | Summerfield,Ironlesh,Gcebeni, Bombo | 41 |
| Ward 20 | Blema, Thembeni, Thafeni, Strangers Rest, Washbank, Moyeni | 26 |
| Ward 22 | Khiliva, Deepdale, Makhaleni, KwaTshali, Mahobe, Farm, Matsheni, Mahlomane | 32 |
| **SEKUKONKE** | | **141** |

## UMASIPALA I-GREATER KOKSTAD

Kube nemvula enamandla kulo masipala mhla ka-9 no-10 Januwari 2024, okuholele ekutheni kube nezikhukhula eMphela ku-Ward 8.

Ingu-42 imizi elimele kancane ngenxa yamanzi angene ezindlini zodaka zemijondolo. Kuminze umuntu oyedwa, umfanyana oneminyaka eyisithupha owayezama ukuwela umfula Umzintlava eduze kwaseMphela. Kwasiza abatshuzi basePort Shepstone Search and Rescue ukuthola isidumbu.

| IWadi | Indawo | Isibalo semizi ethintekile |
|---|---|---|
| 09 | Mphela | 42 |
| **SEKUKONKE** | | **42** |

## USIZO OLUPHUTHUMAYO OLWAKHISHWA

- 81 izingubo zokulala
- 69 omatilasi nezipontshi
- 106 izihenqo zepulastiki
- Akukho kudla okwanikelwa
- 6 Box B
- 2 amatende

## IZINHLAKA OKWAXHUNYANWA NAZO

- Harry Gwala District Municipality Disaster Management Centre
- OMasipala beziNdawo
- HGDM Water Services
- Isikhungo i-Provincial Disaster Management Centre
- Iminyango yezeziNdlu esifundazweni nakuzwelonke
- Amaphoyisa (SAPS)
- SASSA
- Amakhansela amawadi namaKomidi amaWadi
- UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa koMphakathi waseMakhaya
- UMnyango wezokuThutha
- UMnyango wezeMfundo

Abezimo eziphuthumayo kuMasipala weSifunda namasipala bezindawo basalokhu besiqaphe ngeso lokhozi isimo ezindaweni ezisebucayini. OMasipala bonke babambisene neminyango ethintekayo nezinye izinhlaka belindele noma ukusukumela phezulu lapho kuvele isidingo.

# UHLELO LOKULETHWA KWAMANZI E-SUMMERFIELD NAMAPHETHELO (PHASE 2)

LO msebenzi wenzeka ku-Ward 9, 17 no-20 kuMasipala uMzimkhulu. Usonkontileka oqokiwe uMsalela Transport CC okumanje sebeyasebenza, yibo ababhekene nokuthuthukiswa kwengqalasizinda yokulethwa kwamanzi ne-3ML Command Reservoir ngaphansi kukaMasipala weSifunda iHarry Gwala.

Lo msebenzi obekwe ezandleni zeMsalela Transport uzodla inani elingu-R68 791 868.25 uma sekubalwa ne-VAT nemali yokubhekela ezinye izindleko ezingase ziqhamuke. Ngale ntuthuko kuzohlomula izindawo zaseClydesdale, eMadakeni naseMathathane ngesikhathi kusakhiwa kanti uma usuphothuliwe kunezinye izigodi ezingu-21 ezizosizakala njengoba lo msebenzi uzovula ipayipi elikhulu eliphakela izigcina-manzi ezahlukene.

Ibalelwa ku-2 984 imizi ezosizakala ngalo msebenzi.









Inkambu yabasebenzi.



Kudilivwa amapayipi azofakwa.



Sekuqalile ukumbiwa nokugxishwa lapho kuzothubeleza ipayipi elikhulu.



Kuyaqhubeka ukufakwa kwepayipi





Lithi lifakwa ipayipi bebe belandela abagqibayo ngemuva

**Izinselele: Ukubambezeleka Kokukhishwa Kwemvume Yokwakha.**

# UHLELO LOKULETHWA KWAMANZI EMAZIZINI



**Incazelo ngomsebenzi:**
Inhlosongqangi yalolu hlelo ukukhipha osizini lokungabi namanzi ahlanzekile imiphakathi yaseMazizini, eMalamula, eMandilini, eMakholweni, e-Esperanza/Mariathal, Shezlom, KwaSbindi, KwaCheckersof ku-Ward 3 kuMasipala uBuhlebezwe LM.

Kuzokwenzeka kanjani lokhu na? Ngokuthi kungenelelwe ngokulethwa kwamanzi ngeMazizini Water Supply Scheme ngemali ethathwa ku-DWS ngaphansi kohlelo lwe-Water Services Infrastructure Grant (WSIG). Lesi sikhwama sizongenelela ukwethula umthwalo odalwa yizinselelo ezibhekene nokulethwa kwamanzi, kucwaningwe, kuhlolwe kwenziwe nama-borehole, kufakwe namapayipi nokulungiswa kwezigcina-manzi ngaphansi kohlelo kwe-WSIG.

Ngokombiko abantu abakulezi zindawo bangu-1 980, kube yimizi engu-396 uma kusetshenziswa isikalo sokuthi umuzi nomuzi unabantu abalimnganiselwa kwabayisihlanu.

**Isimo somsebenzi manje:** Usuhambe ibanga elingu-89% ekwakhiweni (Contract 1 no-2)
**Isifundazwe:** KwaZulu-Natal
**UMasipala:** Harry Gwala DM
**Imisebenzi edalekile:** 0
**Imisebenzi ngesikhathi sokwakha:** 15
**Imizi ethintekayo:** Ayikho
**Imizi ezohlomula:** 422
**Inani lomsebenzi:** R 31 897 797,88
**Isabelo somsebenzi:** R 19 564 641,15 incl. VAT (2023/2024 FY)

**Ubungako bomsebenzi:**

- Ukumbiwe wemigodi, ukuhlolwa nokufakwa kwama-borehole awu-8
- Ukufakwa kwephampu ne-motor engu-20kl/hr
- Ukufakwa kwamapayipi ibanga elingu-7.2km nengqalasizinda ehambisana nalokhu
- Ukwakhiwa kwethangi elimumatha 400kl nezakhiwo eszihambisana nalo
- Ukwakhiwa nokuvuselelwa kwamapayipi, nezigwedli zompompi bomphakathi

**Isikhathi sokuqala nokuphela komsebenzi:**
**Umsebenzi waqala:** 30 March 2023
**Kuhlelwe uphele:** 30 November 2023
**Isikhathi esibuyekeziwe sokuqeda:** 31 March 2024
**Ukwethulwa kwawo:** Akukenziwa
**Imali esisebenzile:** R19 093 721,58 Incl. VAT
**Ibanga eselihanjiwe ngokwezindleko:** 98%, Izindleko

## ULWAZI OLUDINGWA AMAKHASIMENDE

### 1. UMASIPALA WESIFUNDA IHARRY GWALA (INOMBOLO YE-CALL CENTRE: 0860103651/060570693)

Isebenza ubusuku nemini le nombolo, nsuku zonke. Kulo layini kuqoqwa izikhalazo zamakhasimende ezimayelana namanzi, inhlanzeko, izikweletu, ukuphazamiseka kokulethwa kwamanzi okuhleliwe nokusuke kungahleliwe, ukubika amapayipi aqhumile, ukuchitheka kwendle namamitha angasebenzi ngendlela.

Empeleni i-Call Centre ikhonela ukusiza umphakathi uma uhlangabezana nezinkinga ekulethweni kwezidingo zikamasipala nokuqinisekisa ukuthi u-80% wezingqinamba ezibikwayo zilungiswa zisuka amadaka. I-Call Centre yenzelwe izakhamuzi ezikhetha ukushayela umasipala ucingo ngezidingo zazo futhi yenzelwe nalabo abafisa ukuzifikela mathupha kuboniswane ngalokho okubahluphayo. Kukhona nekhasi lika-Facebook elihlinzekela labo abakuthola kulula ukukhuluma nomasipala ezinkundleni zokuxhumana. Leli khasi lika-Facebook lenganyelwe ithimba lezokuXhumana.

### 2. ITHINI INOMBOLO YASE-CALL CENTRE? 0860103651 / 060570693

### KUSIZA NGANI UKUXHUMANA NE-CALL CENTRE

Kumqoka ukuthi izakhamuzi zisheshe zibike izinkinga zisebenzisa le ndlela yokuxhumana nomasipala. Ukufika masisha kombiko wepayipi eliqhumile, indle echithekile nokucekelwa phansi kwengqalasizinda kwelekelela ukugwema umonakalo omkhulu ongaphazamisa ukulethwa kwezidingo kubantu.

### IMIKHANKASO YOKUQWASHISA

Uphiko lokunakekelwa kwamakhasimende (Customer Care) lunohlelo lokufundisa umphakathi ngezinto ezibalulekile. Singabala umkhankaso ngokongiwa kwamanzi osiza ukuthi wonke umuntu aqonde ngokubaluleka kokonga ukuze singashodelwa yilesi sidingo. Okuphambili ukuthi izakhamuzi zivame imikhuba ezokwehlisa ukumosheka kwamanzi. Ingqikithi yemikhankaso ihlale ibuyekezwa ukuze imilayezo ithinte izinselelo ezibhekene nalowo mphakathi ofundiswayo. Sigxila ekuvikelweni kwamanzi, inhlanzeko nezempilo, ukucekelwa phansi kwengqalasizinda nokuchitheka kwendle.

### 3. IZINDLELA ZOKONGA AMANZI

- Lungisa umpompi uma uconsa noma uphuthume uwubike
- Yazisa umasipala ngabaxhuma amanzi namapayipi endle bengagunyaziwe
- Amanzi asesebenzile aphuma ekhishini noma obubhava ngawo asengasebenza engadini
- Kuhle ukukhongozela amanzi emvula asuka ophahleni ehla ngogadasi, uwafake emathangini noma amabhakedeni bese uchelela ngawo okutshalile
- Ungaxubhi ngompompi. Kuyonga kakhulu ukufaka amanzi okuxubha enkomishini

# UMqondisi wezaManzi nethemba lokuqoqa ama-rates, ukuthuthukiswa kwabasebenzi nokudala amathuba emisebenzi

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala ubambe ufishi omkhulu ngesikhathi uqoka uMnuz Lindumusa Gwala ukuba abe nguMqondisi emnyangweni wezamanzi i-Water Services kusukela ngomhla ka-1 Novemba 2023. UGwala unamava kuzo zonke izigaba zikahulumeni emkhakheni wezokwakha.

Le nsizwa yaphasa umatikuletsheni Kwamathanda High School eMlazi yabe isiqala izifundo ze-National Diploma ku-Civil Engineering eMangosuthu Technikon aziphothula ngo-2000. UMphephethwa usebenze eMnyangweni weZolimo neZemvelo KwaZulu-Natal kusukela ngo-2001 lapho ayiyi-Industrial Technician. Iqhaza lakhe lapha kwakuwukweseka uMnyango ngolwazi lwezobunjiniyela ehlola umhlaba, edweba aphinde akhe ingqalasizinda kwezolimo, ekwakhiweni kwezinhlelo zamanzi okunisela, izindlela zokuvikela inhlabathi, ukwakhiwa kwamadamu, amapayipi aphakela amanzi emapulazini nalawula amanzi emvula, ukwakhiwa kwemigwaqo, nokunye.

Eziqwini ayenazo wengeza nge-Bachelor Degree of Technology (B-Tech) kuwo umkhakha we-Civil Engineering esezenza e-Durban University of Technology ngo-2006.

Wasebenza eMnyangweni weZolimo neZemvelo iminyaka eminye waze wathatha esinye isikhundla eMyangweni kazwelonke wakwa-Public Works.

Lapha uMnuz Gwala waba yi-Control Industrial technician kusukela ngoMashi 2006 esebenzela ehhovisi eliseThekwini. Kulapha lapho ayehola ithimba lonjiniyela boMnyango, wagcina ngokukhushulelwa kuwo lo Mnyango ezingeni lesifundazwe iKwaZulu-Natal ngoJanuwari 2008. Wayesezinze eMgungundlovu lapho esephethe isikhundla se-Deputy Manager kwi-Programme Management.

Ubizo lwakhe lwamdlulisela e-OR Tambo District Municipality eMthatha lapho asebenza khona iminyaka emihlanu kusukela ngoSepthemba 2010. Ngemuva kokushiya e-OR Tambo, uMnuz Gwala wajoyina i-Alfred Nzo District Municipality, eMaxesibeni, kusukela ngoSepthemba 2015 kwaze kwaba uMeyi 2019

Ngaphambi kokuthi abe yingxenye ye-Harry Gwala District Municipality, uMphephethwa wayesebenzela umasipala iWinnie Madikizela-



**UMnuz Lindumusa Gwala, nguMqondisi oMkhulu eMnyangweni waManzi**

Mandela Local Municipality eBizana eyi-Senior Manager emnyangweni wezokunjiniyela kwaze kwaba uSeptember 2023.

UMnuz Gwala usekhombise ukuba nesandla esihle ekuqinisekiseni ukuthi izabelo ezikhishelwe ukuthi kulethwe izidingio kubantu zisebenza ngendlela futhi kulandelwa imigomo kahulumeni. Into ayithakasela kakhulu emsebenzini wakhe ukubona imiphakathi ihlomula ngentuthuko esezingeni elihle futhi kuba nomehluko ezimpilweni zabantu.

Kule minyaka esebenza, uMnuz Gwala useqokelele amava emikhakheni eyahlukene okubalwa kuyo ukusetshenziswa kwezimali, amaphrojekthi nezempatho kwandabazabantu.

Kulesi sigqiki esisha akuso njengoMqondisi oMkhulu kwezaManzi, uMnuz Gwala uzimisele ngokwenza ngcono izinhlelo zokuphakelwa kwamanzi, ukuqoqwa kwemali ngendlela, ukuthuthukiswa kwabantu, ukudala amathuba emisebenzi nokuthuthukisa umnotho wendawo.

# UMphathiswa uKhoza ugqugquzele ukuhlanganyela emnothweni






**Abesifazane abasemabhizinisini bathweswa imiyezane ngemuva kokuqeqeshwa ngezindlela zokuphatha ibhizinisi. Izinsiza zazinikelwe uMnyango wokuThuthukisa uMphakathi kanti uhlelo lwalulethwe abakwa-SEDA.**

EKHULUMA nosomabhizinisi besifazane abebetyhweswa iziqu ngemuva kwezifundo zokuphathwa kwamabhizinisi eXobho, eSifundeni iHarry Gwala, uMphathiswa wezokuThuthuthukiswa koMphakathi uNonhlanhla Khoza uvukuze abesifazane ukuba basukumele amathuba okuba yingxenye emnothweni wezindawo abakuzo.

Umyalezo wakhe ugxile ekutheni bangazitheli ngabandayo emathubeni akuhulumeni okuhloswe ngawo ekuthuthukisweni kwabesifazane kuyo yonke imikhakha.

UMphathiswa uKhoza ugcizelele ubumqoka bokuziveza kwabesifazane, bangameli kude. Lokhu kuqeqeshwa kungumsebenzi wokubambisana phakathi koMnyango nabakwa-SEDA ngenhloso yuokuhlomisa osomabhizinisi abafufusayo ngamakhono nolwazi ukuze basungule amabhizinisi futhi baziphathele wona.

UMphathiswa uzwakalise ukwaneliseka ngohlelo lokuqeqeshwa oluthinte okuningi njengokulawulwa kwebhizinisi, ukuhlelwa ngezimali, ukukhangisa nokusebenza ngempumelelo.

"Akukho muntu wesifazane ozosala ngemuva, sizinikele kulowo mkhankaso. Lapha asihlose kukhetha phela emasini, kodwa sifuna kufukuleke umphakathi wonke ngokudaleka kwamathuba emisebenzi nokuvukuza umnotho. Sifuna ukubona izimpilo zalaba besifazane ziba ngcono ngokuthi bazinze kwezamabhizinisi, bethunga inyumfomu yesikole nelineni yezibhedlela nezingubo zamasonto asendaweni," kusho uMphathiswa.

Omunye wabahlomule kulelo hlelo, uLillian Changwe, uncome kakhulu uhulumeni ngokubeseka. "UMnyango ususivulele amasango. Ngala makhono esiwatholayo sizokwazi ukuziphilisa njengosomabhizinisi, kuhlomule nemiphakathi esikuyo."

Emcimbini weziqu, uMphathiswa uKhoza wedlulisele izitifiketi kwabebeqeqeshwa, waphinde wabanika okokuqala umsebenzi emikhakheni abayikhethile. Izinsiza lezi kuhloswe ngazo ukuqinisekisa ukuthi bayakwazi ukuhlwanyela imbewu yokuqala umsebenzi.

UMphathiswa unikele ngemishini yokuthunga okukhona kuyo emithathu yohlobo lwe-Kingstar Flat, imishini emithathu yokuthungela ekhaya, owodwa oyi-Heavy duty Overlocker, i-ayina i-Gravity iron (bottle steam), eyodwa eyi-Teflon Shoe, nebhodi loku-ayinela kanye nendwangu yeSishweshwe. Wengenze nangendwangu engu-50m eqoqweni ngalinye labesifazane abebekulolu hlelo.

UMphathiswa Khoza ukhuthaze ukubambisana nokwesekana kulaba. "UMnyango uzodeze ubheka inqubekela phambili nokuqinisekisa ukuthi amabhizinisi enu ayasimama."

IMeya kaMasipala weSifunda iHarry Gwala, uKhansela Zamo Nxumalo igcizelele ukubaluleka kokuthi osomabhizinisi besekwe, ikakhulu abesifazane.

Ukutshalwa kwemali engaphezulu kuka-R1 million ezinhlelweni zokuthuthukisa abesifazane eSifundeni iHarry Gwala kuwubufakazi bokuthi uMnyango uzinikele ekwakheni umnotho ofaka wonke umuntu, kuthuthuke isizwe.

## UKUBUYEKEZWA KWESABELOMALI SIKA-2023/2024

# UKWABIWA KWESABELOMALI ESIBUYEKEZIWE SIKA-2023/2024

SESIHLAZIYIWE isabelomali sonyaka nemali yokusebenza kusetshenziswa imigomo ka-Section 72 yomthetho wokuphathwa kwezimali zomasipala (MFMA). Umbiko esiwethula lapha ofingqiwe wezinto ezimqoka kwisabelomali eziqhamuke ngesikhathi kuhlaziywa. Lo mbiko uqhathanisa nohlelo oluvele lukhona lokulethwa kwezidingo nendlela yokusetshenziswa kwemali. Kubhekwe lezi zindawana ezilandelayo ngesikhathi kubuyekezwa isabelomali sika-2023/2024:

1. Ukubhekwa kabusha kwezinto ezingenisa imali njengenzalo yemali nokukhokhelwa kwezidingo
2. Ukubuyekezwa kwezindleko njengomsebenzi wezinkontileka nezinye izindleko.
3. Ukuphuculwa noma ukusheshiswa kokusebenza kwemali ezinhlelweni ezinkulu zentuthuko.
4. UMasipala kumele futhi uqinisekise ukuma kahle kwesikhwama sesabelomali esibuyekeziwe

### UKUBUYEKEZWA KWEMALI ENGENAYO


Sesisonke isabelo esibuyekeziwe sifinyelela ku-R912,6 million isuka ku-R909,6 million. Le mali iqhamuka kakhulu esabelweni nesibonelelo sikahulumeni, nenkokhelo yezidingo ezifana nokukhokhelwa kwamanzi nenhlanzeko.

Imali ngenayo ibuyekezwe ngo-R2,9 million. Ihlelwe ngale ndlela elandelayo:

### ISABELO SEMALI ENGENAYO

| | ISABELOMALI NGQANGI | ISABELOMALI ESIBUYEKEZIWE | OKUSALAYO |
|---|---|---|---|
| **Imali yesibonelelo; Uxhaso** | R 493 839 885 | R 479 090 050 | -R 14 749 835 |
| **Isibonelelo esikhulu; Uxhaso** | R 321 352 114 | R 330 761 529 | R 9 409 415 |
| **Imali engenayo** | R 94 491 861 | R 102 784 525 | R 8 292 664 |
| **ISIYONKE** | **R 909 683 860** | **R 912 636 104** | **R 2 952 244** |

### IZINDLELA ZEMALI ENGENAYO NGOKWAMAPHESENTI



# Kwethulwe isithangami se-LGBTQIA+ eSifundeni iHarry Gwala









**"Singabantu sonke, ngaleyo ndlela kumele sihloniphane kungakhathelekile ubulili esiyibo, usho kanje uSomlomo ngesikhathi kwethulwa isakhiwo se-LGBTQIA+ eDisaster Management Centre eXobho.**

UMASIPALA weSifunda iHarry Gwala nomasipala abangaphansi kwawo bebeyingxenye yokwethulwa kwesakhiwo esisha se-LGBTQI+ Forum kulesi Sifunda eDisaster Centre eXobho muva nje.

Lo mcimbi ubuthanyelwe izikhulu zeSifunda nezinye ebezimele omasipala i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma, uBuhlebezwe, uMzimkhulu ne-Greater Kokstad. Bekukhona nabamele abe-LGBTQIA+ ezingeni lesifundazwe.

Kulindeleke ukuthi lesi sithangami sibe yinkundla emqoka ngokwabelana ngolwazi ngamalungu e-LGBTQIA+ ukuze kuliwe nokucwaseka kwawo emiphakathini. Isithangami sizophinde siqhamuke nezinhlelo nezidingo zemiphakathi ezithola ingamukelekile ngenxa yobulili bayo noma ezikhethela bona.

Ethula inkulumo yosuku, uSomlomo weSifunda uKhansela Sbongiseni Mdunge ubongele uhlaka olusha lwe-LGBTQIA+ Forum, wabakhuthaza ukuba babhukule ukuthi umphakathi uthola usizo olufanele nokwesekwa.

"Kungumsebenzi wenu njengabaholi ukuba phambili emkhankasweni wokulwela inkululeko ngobulili nokulwa nokuhkukunyezwa kwabe-LGBTQIA+. Kumele nikhululeke niziqhenye ngzokuzikhethela ngoba leli lungelo livikelekile kuMthethosisekelo laphi kuthiwa wonke umuntu unelungelo lokuphila," kusho uSomlomo.

Wengeze wathi: "ISifunda iHarry Gwala siyaneseka futhi sizoqinisekisa ukuthi sizokwazisa sifundise ngezakhamuzi eziyingxenye ye-LGBTQIA+."

Ngasohlangothini lukaMasipala weSifunda, uSomlomo uqinisekise abebekhona ukuthi bazokwenza konke ukwelekelela ngolwazi kubantu futhi ukwelekelela iForum ngoba lena yingxenye yokulethwa kwezidingo kubantu. Uthe iSifunda sizoxhumana nezinhlaka zobuholi bendabuko, ezabesifazane nabesilisa ukuze basebenzisane ne-LGBTQIA Forum+ eSifundeni.

Obemele abe-LGBTQIA+ esifundazweni, uMnuz Siyabonga Khumalo, uphawule wathi kumele wonke umuntu aqinisekise ukuthi lesi sakhiwo siyasebenza. "Singabantu sonke, ngale kobulili umuntu nomuntu ayibo, lapho kukhona uthandi nendlela ikhona," kusho uKhumalo.

USihlalo omusha we-LGBTQIA+ Forum eSifundeni iHarry Gwala, uBongeka Malumulela, uzwakalise ukubonga ethimbeni likaMasipala elenze ukwethulwa kwalesi sakhiwo kwaba yimpumelelo. Ukhuthaze ukubambisana nokuzwana.  Amalungu esakhiwo esisha yilawa:

- Usihlalo - Bongeka Malamulela waseMzimkhulu
- IPhini likaSihlalo - Andile Kheswa wase-NDZ
- Unobhala - Fika Khumalo wase-NDZ
- IPhini likanobhaka - Thobeka Ngcobo wase-Kokstad
- UMgcinimafa - Andy Heslop waseMzimkhulu

Amalungu engeziwe kube nguThandeka Ngcobo, Londi Ngcobo no-Ayanda Mahlamvu.

# Sekuqalile ukulungiswa komgwaqo ngezigidi okuzofukula umnotho wasemakhaya













**UMnyango wezokuThutha usanda kumukezela umsebenzi wokwakha umgwaqo u-P419 ngaphansi kwe-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Municipality no-P417 eMzimkhulu Local Municipality. UMphathiswa wezokuThutha uSipho Hlomuka uthe balalela ukukhala kwabantu, manje sebegcina isethembiso. Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzodala amathuba omsebenzi kubantu bendawo nabamabhizinisi amancane.**

UMPHATHISWA wezokuThutha, ukuPhepha koMphakathi, nokuXhumana, uSipho Hlomuka usanda kwethula usonkontilaki emphakathini waseBulwer njengoba sekuzoqala ushikishi lokulungiswa komgwaqo u-P419.

Le phrojekthi ihlanganisa ukulungiswa kwamakhilomitha angu-11 omgwaqo owumgubane ube yitiyela ngenani elilinganiselwa ku-R297 million.

Umgwaqo usetshenziswa yimiphakathi yasePholela, eBidla, KwaZashuke, eBethlehem, eSiphahleni, Etafuleni,

naseNkwezela ku-Ward 9 no-12. Lo mgwaqo uxhumanisa ngqo izindawo ezifana neMandlezizwe, Bhidla, Lubovana, Luhana, KwaZashuke, eSiphahleni, kwaMphephetha, eSiqhoza, kwaDingeka, eMzwendaba, ePholela Special, eBhambatha, ezikoleni zaseNkwezela Schools udlula kweminye imizila yezindawo neyeSifunda.

Sekuzofinyeleleka kalula esikhungweni sezempilo ePholela uma uhamba ngo-P419.

Kulindeleke ukuthui kudaleke amathuba emisebenzi kubantu bendawo nosonkontileka abancane ngesikhathi salo msebenzi kusuka enyakatho kuya eningizimu yomgwaqo u-R617 enyakatho naseningizimu

Inkampani i-KPMM Roads and Earthworks (Pty Ltd) yiyona eyethulwe uMphathiswa uHlomuka emphakathini njengoba sekuzoqala umsebenzi. UMphathiswa ubehambisana nobuholi bukaMasipala weSifunda iHarry Gwala buholwa iMeya uKhansela Zamo Nxumalo. Bekukhona neMeya kaMasipala i-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma uKhansela Sindisiwe Msomi, amakhosi eSifunda nezinye izinhlaka ezahlukene.

UKhansela Nxumalo uzwakalise ukuluthakasela lolu hlelo wathi umphakathi ubululindele, wanxusa ukuba umphakathi uqinisekise ukuthi aluphazanyiswa ngesikhathi sekuqala ukusebenza.

"Umgwaqo owakhiwayo akuwona okaHlomuka, akuwona owoMnyango (wezokuThutha) kodwa ngowenu mphakathi. Ngaleyo ndlela siyacela niwuvikele, umsebenzi uhambe njengoba kuhleliwe kungabi nokuphazamiseka," kuphawula uNxumalo.

Ukulungiswa kwalo mgwaqo kuzoba nomthelela omkhulu ngezentuthuko endaweni ngenxa yokusebenza kwengqalasizinda yezokuthutha. Kunabazohlomula ngemisebenzi ngesikhathi kwakhiwa, kusizakale nokunciphisa ububha nangamakhono abazowathola, ikakhulu intsha.

Ngesikhathi kwakhiwa abantu bendawo bazothola ukuqeqesheka ngohlelo lwe-Construction Education Training Authority (CETA) ezobanika amakhono okukwazi ukubheka amanye amathuba ngomuso.







**Kwakhanyiswa amakhandela ngesikhathi kugujwa uSuku i-World Aids Day, ukuhlonipha abathintekayo nasebadlula emhlabeni ngenxa yengculazi.**

# Ezemidlalo eqhulwini lokulwisana nesihluku sobulili eSifundeni

IZIPHATHIMANDLA zikahulumeni okubalwa kuzo uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha koMphakathi nokuXhumana uSipho Hlomuka, iMeya kaMasipala weSifiunda iHarry Gwala uKhansela Zamo Nxumalo nabaholi bomdabu babe yingxenye yosuku lwezemidlalo ngesikhathi kugujwa i-World Aids Day.

Lolu suku lusetshenziselwe ukulwa nesihlava sokuhlukunyezwa ngokobulili ngaphansi kukaMasipala uMzimkhulu.

UMeya uNxumalo uthe kusezandleni zazo zonke izakhamizi ukufaka isandla ekulweni nesihlava sokuhlukumezeka kwabesifazane nezingane.

Ngokusho kukaZwide ukusondeza intsha ngezemidlalo kuyindlela abayibone izosebenza ekwakheni ikusasa elingcono. Lo mkhankaso uphinde wasetshenziswa ukukhuthaza labo asebezibandakanya nocansi ukuthi bazivikele ngamakhondomu ukuze bangangenwa yizifo ezithelelana ngokocansi.

UMphathiswa uHlomuka uhole inhlabaluhide lapho ebeqwashisa ngesihluku kwabesifazane ehholo lomphakathi iKhiliva, wabe eseyokwethula inkulumo ku-Ward 22. Njengophawu lokugubha i-World Aids Day, kukhanyiswe amakhandlela kukhunjulwa labo abathintekile yingculazi nesandulela sayo nasebadlula emhlabeni ngenxa yayo.

Umphakathi wakule ndawo wanikelelwa ngemishini yokuthunga, amathuluzi okulima nezinsiza zokudlala.

# INXAKANXAKA IXAKE IZIMBANGI ZIGABAVULA KWI-SUMMER CUP










**Umjaho i-Harry Gwala Summer Cup ikhula ngesivini esikhulu kwazise nokuqhudelana kuya kudlondlobala unyaka nonyaka. Umcimbi obumuhle wathokozelwa abantu bendawo nezivakashi.**

INDLELA umjaho wahhashi iHarry Gwala Summer Camp owaba yimpumelelo ngayo, naboMnyango weZemidlalo, Ubuciko namaSiko KwaZulu-Natal abawuvali umlomo. UMnyango uncome kakhulu umphakathi waseMakhuzeni nezindawo ezakhele eduzane ne-Underberg ababamba iqhaza elikhulu ekukhuphuleni izinga lalo mjaho.

Lo mgabavulo wezinjomane, obubanjelwe Edazini Horse Racing, ubuklelise imijaho eyishumi yosuku, okukhona kuyo eyabesifazane ababili, kwase kuthakwa ngomtelebhelo wemfashini nedili lomculo obuhlanganise abaculi bendawo nezinkakha ezidumile.

Kuthutheleke izinkulungwane zabantu bezozibonela konke obekwenzeka ngalolu suku obeluhlelwe uMnyango ubambisene nabe-KZN Traditional Horse Racing Association, uMasipala weSifunda iHarry Gwala ne-Dr Nkosazana Dlamini-Zuma Local Municipality nabanye abaxhasi.

Nejngoba bekulindelekile, imfivilithi uNxakanxaka waseSifundeni Amajuba, wenze ezibukwayo eqeda eseqhulwini emjahweni u-Grade 1, ngaleyo ndlela wakhala wemuka nomklomelo ka-R20 000. Imbangi enkulu kaNxakanxaka, u-Troublemaker naye waseMajuba, akamnikanga nkinga engako wagcina elele isibili kwathi uMdladlambe wase-King Cetshwayo walala isithathu.

UNxakanxaka wazakhela ugazi ethatha ubhedu kwi-Dundee July yango-2022 kodwa waphoxa abaningi ephelela endaweni yesihlanu ngo-2023 kuyo iDundee.

UNxakanxaka uwina nje ujokhi wakhe uSiphamandla  Vilakazi uthi waqala ukuzilolonga namahhashi ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi komjaho.

"Okwenzekile kuhlale kuyiphupho lami, manje sengibheke ukuzakhela igama kwi-Dundee Juy ngo-2024," kusho uVilakazi ngenjabulo.

Kwabesifazane kuwine uMfeneziyazova ogitshelwe uNolwazi Thabethe weSifunda uMgungundlovu, walandelwa ihhashi elibizwa ngo-Big Nuz laseThekwini. Endaweni yesithathu kube Inkinga eqhoqhobelwe uNokubonga Gamede bemele iSifunda iZululand.

Uhla oluphelele lwamahhashi awine imijaho ehlukene:
Race 1  Grade 7 - Ntombeziningi (R7000)
Race 2 Grade 6 - Covid (R7000)
Race 3 Grade 5 - MaThousand  (R9000)
Race 4 Grade 4 - Dubula Mbayimbayi (R10 000)
Race 5 Grade 3 - Mfene Ziyavova  (R10 000) - Ladies
Race 6 Grade 2 - Izinkulumo (R7000)
Race 7 Grade 3 - Umzinyathi (R12 000)
Race 8 Grade 2 - Impendulo (R15 000)
Race 9 Grade 2 - Nyazangoma (R15 000)
Race 10 Grade 1 - Nxakanxaka (R20 000)

